# *Yizwani IPhimbo LaKhe*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Ngikholwa ukuthi kwashiwo nguDavide, "Ngajabula lapho bethi kimi, masiye endlini yeNkosi." Kukhona okuthize nje ngoSonto sikole ukuthi ezinye izingxenye zenkonzo ezingenakho, noma ngasiphi esinye isikhathi osukwini. Sisanda kuvuka ekuphumuleni okuhle kwasebusuku, futhi—futhi sizizwa nje sehlukile, futhi uhlumelelisekile futhi ulungele usuku.

2 Manje siyaqonda ukuthi . . . Izolo ebusuku, sibuze a—abantu uma bebenebandla lokwabo . . . abebeya kulo, ngenkathi bevakasha noma—noma . . . ngiqonde, amalunga ajwayelekile amabandla, ukuthi bafanele baye ebandleni okungelabo uqobo namhlanje ekuseni. Isizathu, thina njengoba singakhethi-hlelo, asithandi nje ukuthatha abantu emabandleni abo uqobo.

3 Futhi kade ngisolwa izikhathi eziningi ngo—ngokusola amanye amabandla. Lokho yiphutha. Angiwasoli amanye amabandla. Ngisola, izikhathi eziningi, izinto abazi—abazithethelelayo, kodwa impela angilisoli ibandla. Kodwa, izikhathi eziningi, uma befundisa izinto eziphambene nemiBhalo, khona-ke ngi—ngiyakusola lokho. Futhi khona-ke uma benza izinto eziyisono, futhi—futhi bayakuvumela ukuthi kwenziwe emabandleni abo, ngiyakusola lokho. Kodwa ungalokothi . . . Njengoba nje kwashiwo . . . nginabangani abaningi beKatolika abahlezi lapha, futhi angikaze ngisole abantu beKatolika. Ngisola imfundiso yebandla eliKatolika, ngoba angikholwa ukuthi ingokomBhalo. Futhi akungaphezu kokuba ngibasola kunoma ngenza ngamaningi amahlelo obuProtestani, ngoba angicabangi ukuthi kungokomBhalo. Futhi ngibophezelekile ukumela lokho okuyiQiniso. Niyabo? Niyazi, uNkulunkulu uzokuthakasela uma nizokwethembeka, nibe qotho nje.

4 Niyazi, izikhathi eziningi, indoda efuna unkosikazi, indoda yangempela enendoda ngemuva kwayo, ayifuni nhlobo intombazane enhle kakhulu—kakhulu ebusweni, noma kanjalonjalo. Iyazi ukuthi lokho kuzolahleka, ngolunye lwalezizinsuku. Niyabo? Ifuna owesifazane ongowesifazane ngokobuntu, owesifazane wangoqobo. Futhi uma ethembekile, futhi engowesifazane wangoqobo, leyo ndoda izomthakasela. Anginandaba ukuthi u—ungumfo omubi kangakanani, nokuthi ugijima kangakanani ezungeza na—nabesifazane ababi; ayikho indoda embi ezweni kodwa eyothakasela owesifazane ozomela lokho ngempela owesifazane afanele abe yikho. Kunjalo. Ngoba, iyakuthakasela lokho.

5 Futhi yileyondlela okungayo ngo—ngokushumayela iZwi, uma indoda iyoma ngakulokho nje ekukholwayo. Manje hhayi . . . Niyakhumbula, uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yakho. Futhi uma uzoma ngakulokho okukholwayo ngempela ukuthi kuyiQiniso, khona-ke ungaba nakho ukukholwa kulokho okhuluma ngakho.

6 Nginabangane abathi ababe babili lapha. UMfowethu Charlie Cox, ngiyabona ehlezi phandle lapho. Futhi amaviki ambalwa edlule, kade ngisezansi eKentucky naye, sizingela izingwejeje, lapho engithole khona ukuphumula. UMfowethu Banks Wood. Futhi, manje, thina, siziqeqesha ngezibhamu zethu ezinkulu, ba . . . Ngifanele ngibe nesami siphelele kakhulu ukuthi sizoshayela isipikilana emayadini angamashumi amahlanu, noma angeke ngi—ngizingele nje. Niyabo? Yilokho kuphela.

7 Awu, kusiza ngani ukushayela isipikilana na? Niyabo? Ngoba, uma udubula ingwejeje, futhi udubula ikhanda, nekhanda layo mhlawumpe lilikhulu *kangako* ukuzungeza, noma kuphi ngaphakathi eqenjini le-intshi kuzolunga, niyabo, noma kuphi phakathi lapho. Noma yimuphi walabo bafana uthi, "Kulungile. Ngiyishayile ingwejeje." Bayaqhubeka futhi bathole ingwejeje. Kodwa, kimina, kuzofanele kube nje ngokuphelele. Kuzofanele kushaye isipikilana. Angeke kugeje ikota ye-intshi. Kuzofanele kushaye isipililana esingaphansi, noma ngivele ngithole ukwethuka wonke nokuphatheka kabi.

8 Futhi ngangizihlalele phansi, ngelinye ilanga, emahlathini, futhi ngangithi, "Nkosi, kungani—kungani ngingongahlahlile ekhanda kangaka na? Kungani Ungenza ngibe ngongahlahlile ekhanda kanjena na?" Ngathi, "Manje lapho . . . "

9 UMfowethu Banks wahamba wayozingela ngesibhamu sakhe esikhulu, futhi wasidonsa wasiphakamisa ukuba akudubule phakathi, ngezibukisi zesibonisa kude. Futhi nje u . . . Kanye ngesikhashana, uyo . . . eyodwa izophuma, ngoba uma i . . . Izinhlamvu ezilayishiwe zasefekthri zizokwenza lokho, noma kanjani, ngoba unophawuda omninganyana, nophawuda ongaphansi kancane. Kodwa bekuyoshaya nje okuncanyana kusuke, noma i-intshi noma amabili, uMfowethu Banks uthi, "O, kulungile, ngishaye ingwejeje. Kulungile." Aku—akumkhathazi. UCharlie, ngendlela efanayo.Kodwa ngi . . .

10 Esami sifanele sishaye isipikilana, khona ngqo phakathi, noma kungiphatha kabi. Ngathi, "Sengiphenduka ongahlahlile ekhanda ojwayelekile." Futhi khona-ke ngiqala ukubuka emuva, futhi ngithola ukuthi impilo yami injalo. Lokho ukwakheka kwami. Futhi ngicabanga, "Awu, kungani Wangenza kanjalo na?" Kungenza ngisho ngigulisiswe yimizwa uma—uma kuhamba kusuke kancanyana nje nga*leyo*ndlela noma *leyo*ndlela. Futhi yileyondlela-ke iNkosi eyakwembula ngayo kimi,

ngihlezi phansi lapho, phezulu eGlutton Hollow, noma ngabe kwakukuphi, sizingela. Lokho, ngikholwa ukuthi kubizwa ngokuthi iDutton; kodwa, izingwejeje zidla ngokukhulu ukushesha, ngikubiza ngokuthi, "Glutton." Ngakho-ke ba . . .

11 Phezulu kulendawo, ngacabanga, "Yilokho-ke." Bengingeke ngisho ngikufundise ukuthi kwakukhona isihogo ngaze ngaba neqiniso ngakho. Niyabo? Futhi ngakho-ke uma umBhalo ubikezela ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, futhi *lapha*, kubukeka ka*njena* naka*njalo*; uma umBhalo uthi, "UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele," njengokungathi kukhona oNkulunkulu abathathu, futhi *Lapho* ngiyabona ukuthi kukhona Oyedwa; futhi manje ngizokwenza kanjani ngokuhlofuza nje, mayelana nomunye umuntu, lokho abakushoyo ngaKho, ukuthathe kanjalo na? Uma iBhayibheli likhuluma ngokumiselwa ngaphambili nomusa, futhi *lapha* linemisebenzi, futhi *lapha* linomusa. Futhi a—angeke ngikushumayele kanjalo.

12 Ngizofanele ngikuxazulule lokho, futhi ngedlule, futhi ngedlule, futhi ngedlule eBhayibhelini, kuze ngokuphelele kushayele isipikilana, niyabo, kuze kuthi ngempela kuphume ngokuphelele ngemiBhalo. Khona-ke lapho ngima, ngingabanakho ngempela ukukholwa kulokho engikwenzayo, niyabo, ngazi ukuthi lokho enikushumayelayo yiQiniso. Niyabo? Futhi khona-ke uma noma ubani ephikisana naLo, usuvele usufundisise ngokwenele uze wazi ngempela Akushoyo, ukuthi ammise kuphi, niyabo, khona *Lapha*. Niyabo? Futhi kungaleyondlela. UNkulunkulu usenza ngezindlela ezahlukene, ukuthi kalula nje singavele . . . Lokho kwenza izwe ngaleyondlela. Kodwa, yilokho okungenza ngiguliswe yimizwa, uhlobo lomuntu olunokuphatheka kabi. Kuzofanele nje kube kahle.

13 Futhi ngijabule kakhulu, kulobubusuku, namuhla, kulokhu—kulokhu ukusa, ukusho ukuthi ngiyazi ukuthi iNkosi uJesu ayifile. Iyaphila, futhi Ikhona kakhulu khona lapha manje njengoba Yayinjalo noma ngasiphi isikhathi ezweni eGalile noma kuyiphi enye indawo. Ingephilayo, evukile, iNdodana esezindaweni zonke kaNkulunkulu ophilayo. Lokho yi . . . Futhi uma bengingeke . . .

14 Uma bengifundise umBhalo kaNkulunkulu othile womlando, futhi bengingaqinisekile ukuthi Ubekhona khona lapha, bengi—bengizodideka kakhulu. Bekungangenza ngiguliswe yimizwa kakhulu, bengingeke ngazi ukuthi ngangenzani. Niyabo? Futhi bengingeke ngazi ukuthi ngibatshele kuphi abantu. "Awu, manje, Uzokwenza *lokhu*, noma Uzokwenza *lokho*." A—angeke ngikutshele. Angazi. Kodwa uma wazi ukuthi Akwethembisa Uyokwenza, futhi uMbonile ekwenza, khona-ke uyazi lapho umi khona. Niyabo?

Futhi ubone ukuthi uNkulunkulu, emacebweni aKhe amakhulu, wayazi nje ukuthi kwenziwa kanjani ukuthi wonke umuntu impela nje abe yinto ethize, ngoba Uzobasebenzisela leyonhloso.

15 Ulizwile lelonenekazi elincane phezulu lapha, esikhashaneni esedlule na? UNkk. Stricker, ecula ngaphandle kwezinsimbi. Ubenohlobo oluthile lwento encane abefutha ngayo, ukuthola ishuni yakhe, ukhiye wakhe—wakhe noma ngabe ukubiza ngani. Futhi ubengama futhi acule ngalelophimbo eliphansi ngempela, futhi aliphakamise, ukuthi, *Ship Ahoyi!* Manje, nifanele ningizwe ngizama lelo ngesinye isikhathi. [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Bekungesabisa. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu wayazi nje ukuthi angamenza kanjani lowo wesifazane ukuze ezokwenza lokho.

16 Futhi yileyondlela. Sonke senziwe ngokwehlukana. Uma nje besiyothola indawo yethu kuKristu, futhi sihlale lapho futhi siMkhonze.

17 Ngibona intombazanyana ihlezi lapha, kulokhu ukusa, esihlalweni esinamasondo. Mayibusiswe inhliziyo yakho encane. Yini ekukhubazile, s'thandwa na? Umsipha idys-. . . dys-. . . O, angikwazi ukusho lelogama, uma ngiqala; ukuqina kwemisipha, noma ngabe yini. Ngabe kuyilokho yini, s'thandwa, okukwenze wakhubazeka, noma uvendle na? Uvendle. Uyazi, uJesu uyawaphulukisa amantombazanyana. AkaWaphulukisi na? Uyintombazanyana enhle kakhulu. Futhi ngiyakholwa uJesu uzokuvumela usinde.

18 Izolo ebusuku, lawomantombazane amancane amabili abehlezi lapha nalesosifo okungekho ngisho noyedwa umuntu osaziyo ezweni ukuthi siyini. Iminwe yawo emincane inciphile, nezinyawo zawo ezincane zinciphile. Amantombazanyana amabili amahle. Futhi kwenzekile ngazi umama wabo nogogo wawo. Futhi ngizizwele nje ngiholeleka ukuba ngimsole lowodeveli obeyohlupha lezozinto ezincane zihlezi lapho; khona lapho. Futhi kade esezihlalweni ezinamasondo angazi ukuthi isikhathi eside kangakanani. Futhi izolo ebusuku, izindaba zifike zasabalala, ngaphezu komugqa, "Amantombazanyana avukile, ayahambahamba." Niyakubona lokho, ukuthi i—ukuthi iNkosi uNkulunkulu ibe nomusa kakhulu kuwo. O, Inhle kakhulu kithi! Sifanele siYithakasele kakhulu.

19 Khona-ke bengicabanga, izolo ebusuku nje, emuva kokuba sengiye ekhaya futhi ngicambalele imizuzu embalwa, bengicabanga ngokuthi, "Lapho umphefumulo usuphumile kumuntu, kuyini na?" Ngubuyena bakhe obungaphakathi obuphumile. Akafile. Usa—usaphila. Niyabo? U—uyaphila ingunaphakade. Futhi abathandiweyo bethu asebedlule ngaleya kwaleliveli, use—semzimbeni esingawazi ukuthi uyini. Akwembuliwe.

20 Kunezigaba ezintathu zayo yonke into. Kukhona isigaba somzimba ofayo, umzimba ongafiyo, nomzimba okhazimulisiweyo. Niyabo? Njengezinye nje izinto, njengo... Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele, kuhamba ngomgudu owodwa, futhi emithathu yenza oWodwa. Ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, emgudwini, kwenza owodwa. Khona-ke, futhi umphefumulo, umzimba, nomoya, kwenza owodwa. Futhi uhamba ngamthathu, futhi okuthathu ngokukodwa. Futhi thatha u—ucezu lwengilazi olunemicijo emithathu ulubeke elangeni, luzobonakalisa imibala, nokho, imibala eyisikhombisa izokwehlela kowodwa.

21 Futhi uthatha okubomvu, bese ubuka ngokubomvu kokubomvu. Bangaki owaziyo ukuthi kuzoba mbala muni na? [Ibandla lithi, "Omhlophe."—Umhl.] Omhlophe. E-hhe. Akumangalisi lokho na? Lokho, okubomvu ngokubomvu, kubukeka kumhlophe. Okubomvu uphawu lokuhlengwa. Futhi uma wena...uNkulunkulu ebuka izono zakho ezibomvu, ngeGazi elibomvu leNdodana yaKhe eyigugu, zimhlophe. Ngakho-ke, kodwa, Yena uzofanele abuke ngeGazi. Uma kungenjalo, ziyisono. Ngakho-ke sifanele sibe ngaphansi kweGazi.

22 Futhi lapho umphefumulo ushiya umzimba, uthatha uhambo lwawo oluya endaweni yokuphumula, emzimbeni osesimweni nokubumbeka kwalomzimba, kodwa akusilo loluhlobo lomzimba. Uzohlangana nabathandiweyo bakho. Ubungeke ubaxhawule. Ubungakhuluma nabo, ubungababuka. Babukeka njengoba bebukeka lapha. Isizathu, ngenkathi uPetru, noJohane, noJakobe, bebone uMose no-Eliya, babaqonda, eNtabeni yokuGuqulwa isimo. Kodwa, ngumzimba.

23 Kodwa khona-ke ngenkathi lowomzimba, uhlobo lomzimba wasezulwini, ngenkathi ubuyela emuva emhlabeni, ukucosha—into owake wahlala kuyo, futhi khona-ke uba umzimba okhazimulisiweyo. Futhi lowomzimba yiwo ozobona iNkosi uJesu, emzimbeni waKhe ovukileyo. "Akukabonakali esiyoba yikho," kwasho uPawulu, "kodwa siyazi siyoba nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, ngokuba siyakuMbona njengoba Enjalo."

24 Futhi zonke lezizandla ezindala ezinemibimbi nezicubu eziyethile zonke ziyoshabalala zingene ebuhleni obukhulu bobusha. Nina makhehla nezalukazi, khumbulani, nina... Lokhu yi...Lokho, lolo uphawu lokuwa, ukuguga kwakho. Kodwa ovukweni, angeke babe nolulodwa uphawu lwanoma yini yesono. Kodwa kungani uNkulunkulu ekwenza njengoba Enza na? Wakuletha onyakeni othize, ngenkathi wawuthi awube neminyaka engamashumi amabili nambili, amashumi amabili nantathu ubudala, wawukokwakho okwedlula konke. Wawudla ukudla futhi uya ngokuqina, futhi unempilo, futhi wawubukeka

ungumuntu onamandla kanjani. Khona-ke, emva kwalokho, uba ngoshwabanayo, niyabo, ukufa kuyangena. Kodwa, ovukweni, konke ukuguga kuyosulwa kusuke.

25 Ngiyabuka lapha kumshumayeli omdadlana nomkakhe. Basemashumini ayisishiyagalombili abo, ngiqagele. UMfowethu noDadewethu Kidd, beshumayela iVangeli mhlawumpe ngingakazalwa; futhi sengiyindoda endala. Futhi ngiyababona behlezi lapha, bebukeka benokuthula, izithandani ezimbili ezindadlana. Futhi ngiyacabanga nje, ukuthi, ovukweni, bayobukeka kanjani. Leyo mibimbi emidala, nezandla eziqhaqhazelayo izandla zokuthuthumela nedumbe, nezinwele ezimpunga ziyoshabalala zingene ebuhleni obukhulu bobusha. Kuyakhokhela ngempela ukukhonza iNkosi. Ngempela kuyakwenza. SiyoMbona, ngelinye ilanga.

26 Angazi noma uRosella Griffin ukhona. Ngingathanda ukumthola ukuba asho izwi. Ohlulwa wuphuzo omncane osanda kuphiliswa nje e. . . lapha, eminyakeni embalwa edlule. Futhi lokho kungahle kusize omunye ohlulwa uphuzo olapha. [Udade ebandleni uthi, "Mfowethu Branham, uye ekhaya kulokhukusa."—Umhl.] Udingeke ukuba aye ekhaya kulokhukusa. Kulungile. Udaba olumangalisayo! Ngicabangile izolo ebusuku ukuthi bengifanele ngibe naye asho okuthize. Bengiyokwenza, ukube bengazile, ukuthi ubezohamba kulokhukusa. Ziningi izinto engithanda nje ukuba abafo betabernakele bazizwe.

27 Manje, ngabe ukhona lapha ozobhaphathizwa, namhlanje ekuseni, emanzini na? Asibone. Oyedwa, ababili, abathathu, abane, abayisihlanu, abayisithupha, cishe bayisithupha noma bayisikhombisa lapha abazobhaphathizwa. Futhi inkonzo yombhaphathizo izolandela lesisifundo sikaSonto sikole.

28 Manje, igumbi likaSonto sikole likaDadewethu Arnold, okwabantwanyana bakhe abancane, linqanyuliwe. Futhi nje sizovele, uma uthanda, Dadewethu Arnold, sizodingeka cishe impela ukuba sikuhlehlise lokho kuze kube usuku olulandelayo, ngoba asinalo igumbi lesikole. Futhi ngizofunda umBhalo othize lapha emizuzwini embalwa, ngenzele abantwana abancane, futhi lokho okuzobanika okuthize ukuba bacabange ngakho, futhi. Bese kuthi-ke ngeSonto elizayo nizoqhubeka nezinkonzo zenu ezijwayelekile noSonto sikole. Manje, sifuna ukusho . . .

29 Nansi enye into engifuna ukuyisho namhlanje ekuseni. Ngi—ngi—ngibatshelile ukuthi bangakwenzi lokhu, kodwa bakwenzile, noma kanjani. Niyabo? Lokho bekungu, mnikelo izolo ebusuku oza kimi, niyabo, umnikelo. Ngibatshelile ukuthi bangakwenzi lokho, niyabo. Futhi bona . . . Kodwa bakwenzile, noma kanjani. Futhi lapho . . . angikwazanga waze uBilly wangitshela ukuthi umfowethu uDoc uwulethile kuye, ngale endlini yakhe. Futhi angikaze ngiwubale okwamanje,

kodwa ngiyakholwa ukuthi kubikiwe ukuthi bekukhona cishe amakhulu amathathu, noma ngaphezudlwana kwamakhulu amathathu. Ngabe lokho. . . Uyakhumbula, Doc, ubuyini na? [Mfowethu Edgar Branham uthi, " . . . amashumi amabili nane, ishumi nambili."—Umhl.] Bekuyini lokho, mfowethu na? ["Amathathu, amashumi amabili nane, ishumi nambili."] Amakhulu amathathu namashumi amabili-nane, ishumi nambili. Ngiyabonga kini, kakhulu.

30 Manje, kade ngingekho emsebenzini isikhathi eside. Niyakwazi lokho. Futhi unobhala wami ekhona, noma abanye babo lapha namhlanje ekuseni, uyazi ukuthi izindleko zami, kungakhathaleki ukuthi ngikuphi, khona lapha ekhaya, zingidla ngaphezu kwamadola ayikhulu ngosuku, zamahhovisi ami nezinto ukusiza ngamaduku nezinto emhlabeni jikelele, ezindlekweni.

31 Futhi ngi—ngifuna ukusho lokhu, ukunikhuthaza nina bantu lapha, nokho. Ngokwenani labantu, lowo ngumnikelo omkhulu kunayo yonke engake ngawemukela empilweni yami. Niyaqonda ukuthi lokho bekungaba inani cishe idola uphisi, ngokulingana na? Futhi kaningi noma yimiphi iminikelo ngaphandle emsebenzini uyolingana cishe, cishe amasenti angamashumi amabili nambili noma amashumi amabili nanhlanu umuntu ngamunye. Kodwa lokhu bekulingana nedola ngomuntu. Isizathu, ngiyazi ukuthi angeke ungene lapha . . . Abayithathi iminikelo ngaphandle. Futhi angeke uminyanise kulendawo encane ngapha, cishe abantu abangamakhulu amathathu, ngi—ngiyangabaza. Niyazi ukuthi itabernakele lihlalisa ngaki, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville uthi, "Kufanele kube ndawo ndawo cishe amakhulu amathathu, indlela okungayo manje."—Umhl.] Cishe abantu abangamakhulu amathathu. Ngakho-ke, niyabo, lokho kucishe kube i—idola uphisi. UNkulunkulu uyazi ukuthi ngikuthakasela kanjani lokho. Ngiyanibonga kakhulu. Futhi kuhamba ngqo kuyongena emsebenzini weNkosi. Ngi—ngiyanibonga ngakho. Nange . . . Uma abanye babo kungenzeka bahambe ngaphambi kobusuku, ngoba . . . futhi ngi . . .

32 Ngenkathi ngiya ekhaya izolo ebusuku, ngihlezi egosini bekuyibhokisi elincane, ka*nje*, futhi bekuyi—yisixheke sikajeli, ngiyakholwa, leso sivela kumuntu othize. Niyazi, ngiyawuthanda nje ujeli. Futhi ngi—ngiyakuthakasela lokho. Futhi u—udade lapha, kungcono ngingalibizi igama lakhe. Ungumngane wesifuba emndenini wethu, futhi ushiye isipho sothando ezansi kwamama, esami noBilly. Awazi, dadewethu, ukuthi ngikuthakasela kanjani lokho, nokuthi yisiphi isikhathi esingena ngaso.

33 Futhi, o, izinto eziningi kakhulu! Niyaqonda. Futhi ngineqiniso ukuthi Yena uyaqonda. Futhi ngakho-ke

nje ngiyethemba ukuthi Uzonibusisa ngamunye wenu, ngokuchichima ngokwedlulele. Ngifisa sengathi ngabe bekunjalo ukuze ngizoya ekhaya nomunye nomunye wenu, futhi—futhi ngihlale nani isikhashana, futhi ngixoxe nani. Ngiyathanda ukwenza lokho.

34 Kodwa, kungu, niyazi ukuthi kukanjani, ngokuqhubekayo nje kusemnyakazweni. Sizofanele sihambe ngokushesha. Kusobala, khona emva kwenkonzo kulobubusuku, iNkosi ithanda, ngizoshiya isifundazwe, ngokushesha nje uma inkonzo ivalwa. Ngizofanele ngiphume lapha ngaphambi kwehora leshumi nambili nqo. Nginesikhathi esinqunyelwe ukubonana ngehora leshumi nambili nqo. Futhi ngigcwele, kulentambama. Futhi ngi . . . Niyazi ukuthi kuyini. Kuhlala njalo kusohambweni, ngaso sonke isikhathi; abantu bayagula, bayafa.

35 Futhi izikhathi eziningi ngingena endaweni, futhi ngivele ngime lapho, bese omunye umuntu angene, athi, "Uyangazi, Mfowethu Branham na?"

"Qhabo, angikwazi."

36 "Ngani, ngangilele esibhedlela, ngifa, ngenkathi ufika ungikhulekela. INkosi ingiphilisile." "Ngangiyimpumputhe ngenkathi uhlangana nami esitaladini, ngalolosuku ukubona kuyafika." Niyabo? Futhi a—angikaze ngazi ukuthi kuyini.

37 Kodwa ngicabanga lomcabango owodwa onesibusiso, Mfowethu Egan, ukuthi, ngolunye usuku lapho sengishumayele intshumayelo yami yokugcina, sengikhulekele umuntu wokugcina iNkosi efuna ngimkhulekele, bese ngiya eKhaya! Futhi ngalokho kusa kovuko, o, yeka lolosuku okuyoba yilo, injabulo! Lapho engingama Lapho, lapho indlovukazi yaseNingizimu iyakukhuphuka, ngiyakubona ukuthonya eyayinakho! Ngiyoyibona ikhuphuka Lapho, uBilly Graham, ukuthonya ayenakho. U-Oral Roberts, nabo bonke, uSankey, uFinney, uMoody, uCalvin, uKnox, kanjalonjalo. Khona-ke ngizobona iqembu lami likhuphuka. O, lokho kuyoba yinjabulo, lokho kuyoba ngumqhele wami. Kunjalo. Futhi, ngomusa kaNkulunkulu, ngethemba ukuba nezigidi eziningana Lapho.

38 Futhi manje ngizofanele ngiye phesheya kwezilwandle ngokushesha impela. Futhi manje, ngokwazi kwami, khona ngqo emihlanganweni yethu uqobo, cabangani nje ngakho, ngisemiphefumulweni yami eyisigidi sesibili, ngiyizuzela uKristu. Futhi ngi—ngiyethemba ukuthi ngibona abaningi, izigidi eziningi.

39 Manje, inkonzo yombhaphathizo, futhi manje izikhathi ezinqunyelwe ukubonana nezinto. Futhi, manje, lokhu kuyaqhubeka emva komhlangano.

40 Uma nganoma yisiphi isikhathi ubuyela ingxoxiswano yangasese, noma okunye nokunye, shayela umphatheli

nje, uMfowethu Mercier lapha. Sifanele sibe nohlobo oluthile lokuhleleka, esifanele sibe nalo. Siyakwazi lokho. Futhi uMfowethu Mercier, uzibhala phansi, uyazibhala lapho zifika, futhi kuthi nje ngingaphelelwa izikhathi zokunqunyelwa ukubonana, zonke ziyaphela, ngi . . . Lapho ngingena, ngiyambiza enyuke futhi ngimtshele, "Sengiqedile ngaleloqembu." Unginika iqembu elisha, futhi ngisuke ngihambe futhi, niyabo. Khona-ke, konke kusebenza ngaphandle kwalelohhovisi. Futhi uyazi nje ukuthi angabahlela kanjani ukuze akwazi ukungenisa ngamunye, ongangena, niyabo. Ngakho-ke, sijabule kakhulu ukuba nalelihhovisi elincane lisebenza ngendlela elenza ngayo. Ngakho-ke lokho nje yi-BUtler 2-1519 nje. [Inombolo yocingo ishintshiwe.—Umhl.] Futhi lokho . . . Noma, uma ushayela eJeffersonville, vele ushayele mina, futhi bazophendula lapho kulelohhovisi. Futhi ngiyabonga, ngomusa kakhulu.

41 Manje ake, ngaphambi nje kokuba sivule iZwi laKhe elibusisiwe . . . Futhi khumbulani, masinyane emva kokuba lenkonzo isiphelile, nenkonzo yombhaphathizo, uBilly uzoba lapha ukunikezela ngamakhadi omkhuleko alobubusuku.

42 Manje, kulobubusuku njengoba kungubusuku besonto, iSonto ebusuku, iningi labantu basemadolobheni bazophuma baye emabandleni angawabo, nangaseLouisville nanxazonke. Bazoba semabandleni abo uqobo. Kodwa kakhulu kuzoba ngabangaphandle. Ngakho-ke, ngicabanga ukuthi mhlawumbe singamisa umugqa omkhulu womkhuleko kulobubusuku futhi sibakhulekele bonke. Ngiyethemba ukuthi sizokwenza. Sinamakhadi omkhuleko ambadlwana akhishiwe.

43 Ngi—ngiyacabanga, izolo ebusuku, emva kwayizolo ebusuku, o, ngizwe nje sengathi bengizothatha enye yalezo, o, indiza yoyedwa, niyazi, sikhuluma ngazo. Ukubona nje, kulelitabernakele elidadlana, futhi, izandla ziphakanyisiwe.

44 Nginomfanyana lapha, ungumfana ogcwele nje, uJoseph omncane. Uneminyaka cishe emithathu ubudala. Futhi lapho bonke babememeza, uma engagxumanga khona lapho waphuma phakathi kwesikhala sezihlalo futhi waphonsa izandla phezulu, futhi uqala ukumemeza nokudumisa iNkosi, khona phandle phakathi nezihlalo laphaya! Futhi ngiyacabanga, kulokhukusa, ungene kukho nodadewabo omncane, futhi umluma engalweni, ngakho-ke ngimtshelile ukuthi ukumemeza kwakhe angeke kwamsiza kangako inqobo nje uma eziphathe kanjalo. [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] O, he! Labo bafo abancane, bangasondela ngempela eduze kwakho, angeke bakwenze na? Awu, kusobala, obekuyikho, ubone nje bonke bekwenza futhi wacabanga ukuthi yilokho afanele akwenze, naye, futhi mhlawumpe elandela emuva kwethu, indlela ebesenza ngayo.

45 Manje sineZwi laKhe lilele livuliwe lapha. Manje asikhulume naYe ngaLo. Manje nje u . . .

46 Nkulunkulu othandekayo, njengoba siza kuwe manje nje, ngenhlonipho yokuzithoba, ngokuthula, ngokuzotha, nangokukholwa, sikholwa ukuthi Uyezwa futhi uzophendula umkhuleko. Ngoba, siza ngaleloGama elanele konke leNdodana yaKho, iNkosi uJesu, ONgenakuphosisa, futhi owanikeza isithembiso, sokuthi, "Uma nicela uBaba noma yini eGameni laMi, ngizolwenza." Khona-ke siyazi ukuthi sizokwemukela nje esikucelayo, ngokuba siza ngeGama laKhe. Ngokuba asinalo elinye iGama esingasondela kuWe ngalo, omkhulu, uJehova uNkulunkulu onamandla. Futhi siza ngomusa waKhe, singavumi ukuthi sifanelwe noma yini, kodwa ngoba Yena usenzele inhlawulo, kulokho Yena wasifela. Futhi wasihlawulela izono zethu, futhi sizwa ukuthi singama silungisisiwe emehlweni aKho, ngokufa kwaKhe. Lokho ukukholwa kwethu. Futhi asiceli lutho olungaba okubi, kodwa lokho obekungaba kuhle kithina sonke.

47 Ngakho-ke, Nkosi Nkulunkulu, khuluma kithi ngeZwi laKho. Futhi khuluma kithi kuleloPhimbo, ukuthi sizoqonda futhi sizokwazi nje ukuthi singaba kanjani abesilisa nabesifazane abangcono, abafana namantombazane. Sazi ukuthi isango elikhulu ngaleya ekufeni, ukuthi, ngasosonke isikhathi inhliziyo yethu ishaya, sithola ukushaya okukodwa ngokusondela kulelosango okungukuthi kulo sonke siyakungena kulo. Futhi khona-ke sazi, ukuthi, emva kokuba sesiphakathi lapho, akusekho nelilodwa ithuba futhi ukuthi sike senze ukubuyisana. Akusekho futhi ukuthi singabuye sibe nalelithuba esinalo khona manje. Futhi singazi ukuthi siyakuweqa nini lowomugqa, O Nkulunkulu, woza kithi masinyane futhi usilethe emizweni yethu esifanele sibe nayo, futhi sazi ukuthi sisondela kanjani kuWe, nokuletha udaba lethu phambi kwaKho futhi sicele umusa. Siphe khona, Nkosi.

48 Singabantu abadingayo. Siyizimvu, sibiza uMelusi wezimvu ozosihola kuyo yonke impilo, nasezansi sedlule esigodini sethunzi lokufa. NjengoDavide, wasendulo, washo, "Angiyikwesaba uma ngifika kuleyondawo," ngoba uMelusi wezimvu uzongihola ngqo angedlulise kuleyondawo, kuze kuthi izinyawo zethu ziphumule ngokuqinile kulologGu olukhazimulayo, lapho ukuguga nokugula nosizi nokufa kuyakubaleka kusuke kithi, futhi siyakukhululeka, Lapho, kuze kube phakade.

49 Khuluma, Nkosi. Lesi sithandwa esincane esinamehlo akhanyayo somuntu othile, sihlezi lapha phambi kwami, kulesisihlalo esinamasondo; angikwazi nje ukususa amehlo ami kuso namuhla; sikhubazekile sonke ngaloluvendle, lokho omubi akwenzile kuso. O Nkulunkulu, letha ukukhululwa

kuleso sithandwa esincane. Siphe khona, Nkosi. Hhayi kuyena kuphela, kodwa kwabanye lapha abalindile. Makuthi uMoya waKho oNgcwele ubaphakamisele phezulu kakhulu, kulokhu ukusa, ukuthi bazodlula konke ukuthuthumela kokungabaza nawo wonke umthwali wesono, ukuthi uMoya waKho oNgcwele ungahamba phezu kwabo futhi ubaphulukise. Siphe lezizinto, Nkosi. Ngokuba sicela lezizibusiso ngenkazimulo yaKho, eGameni leNdodana, uJesu Kristu. Amen.

50 Manje, ngikhethe kube indikimba kulokhukusa. . .Futhi nina bafo abancane ngithetheleleni, ngokuthatha isikhathi sonke nabadala, futhi ikilasi lenu alikho lapha, ukuba libe yilokhu kulokhukusa. Kodwa ngifuna nizwe, futhi, lokho engifuna ukukufunda. Futhi ngifuna ukufunda, namhlanje ekuseni, kuSamuweli wokuQala, isahluko 3.

51 Futhi ngifuna ukuthatha kube indikimba: *Yizwani IPhimbo LaKhe*. Lokho kuzokwenzela amantombazane amancane namantombazane amakhulu, nabafana abancane nabafana abakhulu, bonke. Khumbula indikimba: *Yizwani IPhimbo LaKhe*.

52 Manje, nina eniphenya imiBhalo, kuSamuweli wokuQala, isahluko 3, kufundeka kanjena emavesini ayishumi okuqala.

> *Umntwana uSamuweli wayikhonza iNKOSI phambi kuka-Eli. Izwi leNKOSI lalingavamile ngalezozinsuku; nombono wawuyimvelakancane.*

53 O, ngingathanda kanjani ukuhlala lapho umzuzu, mhlawumbe ngesinye isikhathi. Kuyangishaya nje. Ake ngiphinde ngikufunde futhi, lelovesi.

> *Umntwana uSamuweli wayikhonza iNKOSI phambi kuka-Eli. Izwi leNKOSI lalingavamile ngalezozinsuku;* ngokuba *nombono wawuyimvelakancane.*

54 Niyabona ukuthi umbono uyini, khona-ke na? YiZwi eliqondile leNkosi. Niyabo? Futhi iZwi leNkosi lalenqabile.

> *Kwathi ngalesosikhathi, lapho u-Eli elele endaweni yakhe, amehlo akhe* aqala *ukufiphala waze akangaba nakho ukubona;*
>
> *Isibani sikaNkulunkulu sasingakacimi ethempelini leNKOSI, lapho kwakukhona umphongolo kaNkulunkulu, uSamuweli walala phansi;*
>
> *INKOSI yambiza uSamuweli: futhi waphendula, Ngilapha.*
>
> *Wagijimela ku-Eli, wathi, Ngilapha; njengokuba ungibizile. Wathi, Angikubizanga; buya ulale. Wahamba walala.*
>
> *INKOS-. . .INKOSI yaphinda yambiza, uSamuweli. USamuweli wavuka waya ku-Eli, wathi, Lapha*

mina . . . *Ngilapha; njengokuba ungibizile. Wathi, Angikubizanga, ndodana yami; buya ulale.*

*Kepha uSamuweli wayengakayazi iNkosi, nezwi leNkosi lalingakambulelwa kuye.*

*INkosi yambiza uSamuweli ngokwesithathu. Wavuka waya ku-Eli, wathi, Ngilapha; njengokuba ungibizile. U-Eli wayeseqonda ukuthi iNkosi yayimbizile umntwana.*

*U-Eli wathi kuSamuweli, Hamba, ulale: kuyakuthi uma ekubiza, usho ukuthi, Khuluma, Nkosi; ngokuba inceku yakho iyezwa. Wayesehamba uSamuweli walala endaweni yakhe.*

*INkosi yafika, yama, yambiza njengakwezinye izikhathi, Samuweli, Samuweli.* Futhi *uSamuweli wathi, Khuluma; ngokuba inceku yakho iyezwa.*

55 IPhimbo likaNkulunkulu! Ukuzwa iPhimbo laKhe ngalolosuku kwakuyinto eyivelakancane. Niyabona, kwakungekho mbono osobala. Futhi kwakuyinto eyivelakancane, iPhimbo likaNkulunkulu langempela, ngoba abantu babesukile. Babenebandla, ngalolosuku, elalingayilandeli imiyalo yeNkosi. Babe no—nomfundisi ongama lingu-Eli. Futhi wayesukile kuNkulunkulu, ngokufundisa nje iziyalezelo zalokho abantu ababefuna ukukukholwa. Uma lokho kungafani kuze kube namuhla! Wavele wafundisa abantu, futhi wa—wathatha okukhethiweyo kwakhe, futhi wayenamadodana akhe ukuba athathe okungcono okwedlula konke okwenyama lapho, amahhuku, ngokuphuma e—emnikelweni. Futhi kuba nje yindawo lapho umnikelo wawuyinto esemqoka. Futhi uSamuweli, ebudedengu nje ngendlela ayephathe ngayo imiyalo yeNkosi. Futhi iZwi langempela likaNkulunkulu laliyinto eyivelakancane.

56 Yileyondlela okungayo namuhla. Siya ebandleni futhi sithola abantu bengena futhi benokuqhubeka nohambo okukhulu kakhulu, "Sifuna ukwenzela ihlelo lethu, kulonyaka, abanye abaningi *kangaka*. Letha incwadi yakho evela kwelinye ibandla lakho, futhi uhlangane kanye nathi." Futhi iziqubulo njengokuthi, "Esinye isigidi ngo '44." Futhi konke okunjalo, bekhala, bezama ukukhula bedlule ihlelo elilandelayo. Futhi ekwenzeni njalo, siwise imigoqo, yeBhayibheli. Sisukile, futhi saqala ukufundisa izinto ezehlukile.

57 Abaprofethi abakhuluma ngazo ngalezizinsuku, ukuthi lapho, "Bona, ngokufundisa, bayofundisa imfundiso yomuntu futhi hhayi iMfundiso kaNkulunkulu."

58 Futhi sibone okuningi kwalokho, futhi sekuqhubeke isikhathi eside kakhulu, kuze kuba, namhlanje, iZwi leNkosi liyinto eyivelakancane, ukuthi umuntu angafika futhi athi, "ISHO KANJE INKOSI." Manje, sibe nokuzifanisa

nomunye umuntu okuningi kwalokho. USathane usemsebenzini ngempela. Futhi eminyakeni eminingi edlule, abantu babesaba ukusho lokho ngaphandle uma kwakuyiNkosi. Kodwa, namhlanje, abanendaba. Kodwa kuyinto eyivelakancane ukuzwa iPhimbo leNkosi, nokuthola umuntu ongathi, “INkosi ikhulume kimi.” Uyakuqaphela lokho phakathi kwabantu, futhi, ukuthi kunzima ukuzwa isikhathi lapho bethi, “INkosi ikhulume kimi.”

59 Ngenkathi, abesilisa nabesifazane babevamise ukukhuleka ubusuku bonke, futhi amakhaya abo ayebekwe ngokuhlelekile, ngeNcwadi yeNkosi, futhi uNkulunkulu wayengowokuqala ekhaya labo.

60 Niyabo, sinezinto eziningi kakhulu ngaphambi kweNkosi. Angeke nibe nomhlangano womkhuleko, ngoba uMnu. Godfrey uyadlala kulobubusuku. Angeke nibe nomhlangano womkhuleko, ngoba u *Siyamthanda uSucy* uyadlala kulobubusuku. Noma, uhlobo oluthile lombhedo wobuphukuphuku olunjalo, okuthatha isikhathi, futhi asinaso isikhathi sokuzwa iPhimbo leNkosi. Futhi labo abazisho ukuthi bangamaKristu, bavele baguqe phansi, okomkhuleko omncane kanjena, uhlobo oluthile lokwenziwe ekhaya, “Nkosi, ngibusise mina nomndeni wami, futhi sinakekele. Ubusuku obuhle.” Futhi ngokusa okulandelayo, bayavuka bese bethi, “Sihole nje osukwini. Usuku oluhle.”

61 Sifanele silinde eNkosini. Niyabona, senza konke ukukhuluma. AsiMnikezi ithuba ukuba asiphendule. Ukuthi, ukuba besingakhuleka, futhi sikhuleke kuze kuthi umphefumulo wethu ungene eBukhoneni bukaNkulunkulu, bese-ke nje siyaphumula futhi silalele iPhimbo laKhe.

62 Kodwa kunamaphimbo amaningi kakhulu, namhlanje, elithatha iPhimbo leNkosi lisuke kithi. Kukhona iphimbo lenjabulo. Abantu abaningi kakhulu balalela lelo, lapho abangaya khona futhi bazijabulise. Futhi abaningi babo bazisho ukuthi bangamaKristu. Uhlobo oluthile lomculo wokuzibinya omdala uqhamuka, angeke nje balalela lokho okunokwesaba uNkulunkulu. Bathi, “Awu, ngingumKristu, bengifanele ngifunde ivesi eBhayibhelini namuhla. Ya, ‘uJesu wakhala.’” Yilokho-ke. Qhubeka. Kodwa khona-ke ukwehlela phansi ngempela futhi ukhuleke, banezinye izinto eziningi kakhulu ukuba bazenze. Kukhona amaphimbo amaningi ezweni, izinto eziningi kakhulu ukuheha ukunaka kwethu kuNkulunkulu.

63 Futhi izolo, ngenkathi unkosikazi nami besigijimele esuphamakethe, ukuthola igrosa. Futhi bengiphuthuma ngoba bengishiywa isikhathi ngezikhathi ezinqunyelwe ukubonana nezinto, futhi ngiphuthuma ngempela. Futhi bekukhona umfanyana emi lapho, ozela, nentombazane endadlana

iyafika ngapho igqoke amabhulukwana, angawendoda ethile. Ayefanele, ngoba ayenzelwe indoda.

64 Futhi iBhayibheli lithi, "Kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu, ukuba owesifazane aligqoke."

65 Futhi nokuningi kwalokhu lapha ukupenda umlomo, namehlo ayo ozela, ithe, "Uphi u*sbani-bani* na?" kulowo mfana omncane.

Uthe, "Ungilindele ukuthi ngazi kanjani na?"

66 Ithe, "Uyakhumbula, angikaze ngingene kuze kwaba yihora lesithupha kulokhukusa." Futhi lalingengaphezu kweminyaka eyishumi nambili ubudala.

67 Manje, uJesu, eneminyaka eyishumi nambili, owayeyisibonelo sethu, wathi, "Anazi yini ukuthi Ngimele ngibe semsebenzini kaBaba waMi na?"

68 Akumangalisi iPhimbo likaNkulunkulu liyinto eyivelakancane namhlanje. Kuphumile, ngamaphimbo amaningi ahlukene, izinto eziningi kakhulu efiphele futhi isuswe. Sekufike endaweni sekuze kufiphalisa imizwa yethu, size singakwazi ukuzwa iPhimbo likaNkulunkulu. Imizwa yethu, yalapho ebesifanele sizinyakazise, futhi niqonde ukuthi ningabesilisa nabesifazane, futhi niyindalo kaNkulunkulu, futhi nabekwa lapha ukuba nikhonze Yena. Kodwa iphimbo likaSathane nabaprofethi bamanga, "O, yiba yisimodeni!"

69 Njengoba ngangikhuluma ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngangiza esontweni, futhi ngavula umsakazo wami. Futhi ngezwa uhlelo oluvela eLouisville, olwaluthi babefundisa abantwana babo, emabandleni, ukuphuza nje ngokunciphisa. Ukubenza babe yisimodeni, ukuze bangeke beqise.

70 O, badingeka ukuba babafundise ngoKristu, hhayi ukuphuza. Futhi lokho kuzosakaza futhi konakalise futhi kulahle noma yiliphi ikhaya. Lingakhuluma kanjani iPhimbo likaNkulunkulu phakathi komndeni ocwiliswe uhhafu ngewiski, nemiqondo yabo ikhubazekile ngokubhema nokuphuza, nokuxokozela ubusuku bonke gulukunqu na?

71 Abantu abalinda kuNkulunkulu, ungena eBukhoneni baKhe. Futhi ukungena eBukhoneni bukaNkulunkulu kufana nokuphuma nje kusesekuseni ekuseni, lapho amazolo nezimbali ezithandwa yizinyosi zinuka kamnandi kakhulu. Uma ungena ebukhoneni bomuntu onjalo, uyazi ukuthi kade benoNkulunkulu.

72 Umkami uthe kimi, ehla, namhlanje ekuseni. Wathi, "Billy, angiqondile ukusho lokhu ukuhlobisa noma ngubani. Kodwa," uthe, "izolo ebusuku," ngiyakholwa, noma ngobunye bobusuku, wathi, "Ngihlale eceleni komunye wabesifazane ongumAmish omncane, inenekazi elincane lithwele ikepisi elincane ekhanda." Uthe, "Futhi ubungasho ukuthi lowo wesifazane ubekade

enoJesu, ngoba ubemnene. Umphefumulo wakhe ubuzothile. Amehlo akhe abekhanya." Asikho isono noma lutho ukucasha ngemuva, noma yini. Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu. Imizwa yakhe ibingafiphele, ngewiski nogwayi, nazo zonke izinhlobo zezinto zezwe. Uhlunyelelisiwe ephuma eBukhoneni bukaNkulunkulu, efunda iBhayibheli lakhe, etadisha iZwi likaNkulunkulu.

73 Kodwa, thina maMelikana esimodeni, esikwenzayo! Nabaprofethi bamanga emuva kwepulpiti bethi lokho kulungile. Ngithi ukuba nomcabango wokusho lokhu. Uma nginephutha, Nkulunkulu ngithethelele. Ngikholisekile ukuthi iningi labo alimazi uNkulunkulu. Futhi ibandla alisoze laphila ngaphezu komfundisi walo. Akumangalisi umBhalo uthi, "Laba belusi bezimvu, ukuthi bawuhlakaze kanjani umhlambi! Maye kubo. Bangamagatsha angatheli izithelo, azonqunywa futhi ashiswe."

74 Izinto eziningi kakhulu ukufiphalisa imizwa yabantu namhlanje! O! Kodwa phakathi kwakho konke lokho, ngaphezu kwakho konke ukufiphala nalolonke iphimbo elisezweni namhlanje! Amanye awo, amaphimbo entokozo. Amanye anga—angamaphimbo anesono, ukuyenga abantu. Kodwa ngaphezu kwakho konke okuncane kwalokho, iQiniso likaNkulunkulu lisalokhu likhona, "Ozwa iPhimbo laMi futhi aNgilandele!" Abesilisa nabesifazane abazozwa iPhimbo likaNkulunkulu, uNkulunkulu usalokhu elindele ukukhuluma kuwo wonke umuntu ngamunye abazovula izindlebe zabo ukuzwa iPhimbo likaNkulunkulu.

75 Uma indoda, ukuthi ingubani, nomelusi. . .Izikhathi eziningi, abantu bathi, "Ubungeke wenze *lokhu* na? Ubungeke ugijimele phezulu *lapha* na? Ubungeke wenze *lokhu* na?" O, ngiyathanda ukukwenza. Kodwa ngizofanele ngihlale eBukhoneni bukaNkulunkulu uma ngizokwenza into elungile. Khona-ke abantu bathi, "O, uMfowethu Branham ungomunye walabo abathanda ukuhlala yedwa." Akusikho lokho. Ngiyabathanda abantu, kodwa kunezinkulungwane nje zabo. Kodwa ngifanele ngihlale naYe, ukuthola ukuthi lokho Abengathanda ngibatshele khona. Ndawo ndawo, lalelani nje, Uzoba nokuthile kwakho, lokho Afuna wazi ngakho.

76 Melusi, ungalokothi ube matasa kakhulu kodwa ungahlala eBukhoneni futhi ulalele iPhimbo laKhe. UNkulunkulu njalo uyaligcina iZwi laKhe. Futhi kungakhathaleki ukuthi izikhathi ezimbi zingabanjani, ukuthi ibandla lakho lingakufundisa kangakanani ngokumelena nalo, uJesu Kristu usathanda ukukhuluma leloPhimbo elincane elihashazayo namanje kunoma ngubani ozoMlalela. Usakulungele ukukwenza, uma nje sizithulisa.

77 Kodwa sigijimela phakathi, sixakanisekile, bese sithi, "Awusho, melusi, ngingalijoyina lelibandla na?"

"Uvela kuliphi ibandla na?"

*"Eliwukuthi-nokuthi."*

"Awu, silethele incwadi yakho." O, he!

"Ngingalijoyina lelibandla na?"

78 "O, yebo. Woza ngaphambili, futhi sizokufafaza kancanyana, ngamanzi, futhi sifake igama lakho encwadini. Futhi ungathola isandla sokudla senhlanganyelo."

79 Awu, iMasonic Lodge inenqubo engcono kunalokho. Yiqiniso. IMasonic Lodge nawo onke amanye amadlangala alungile, kodwa noma kunjalo ayisiyo indlu kaNkulunkulu. Yilapho uNkulunkulu ekhuluma khona. Lawomadlangala azama ukukwenza uziphathe kahle, kodwa uNkulunkulu ukwenza ulunge ngoJesu Kristu, iNdodana yaKhe. Manje, kukhona inhlanganisela yesayense ephathelene nenkambo yokuziphatha kuyo; uNkulunkulu unokuZalwa okusha kwakho.

80 Kodwa lalelani iPhimbo laKhe elincane elihashazayo. Nonke nina bantu enizisho ukuthi ningamaKristu, thulani phambi kwaKhe. Ungavumeli iwashingi ikuvimbele. Ungavumeli umsebenzi ukuvimbele. Ungavumeli lutho lukuvimbele. Ungavumeli muntu azi ukuthi wenzani. Vele uye phambi kwaKhe. Vuka ungene emahlathini ndawo ndawo. Phuma eceleni komgwaqo. Ngena ekamelwaneni eliyimfihlo bese uvala umnyango. Lapho izinganyana zifika esikoleni, lapho guqa ngamadolo akho. Uluzwile lonke uhlobo lwamaphimbo yonke indawo, kodwa nje shona phansi futhi uhlale lapho aze lawomazwi athuliswe bese uqala ukuphakamisela phezulu. Lizokuguqula. Lizokwenza wehluke, njengoba Lenza loSamuweli omncane. Liyokwenza okuthile kuwe uma nje uzokwenza. Manje, Lizokwenza uhlobo lomKristu ofanele ube nguye. Lizokwenza uhlobo lomKristu obufanele ube nguye.

81 Manje asibuyele emuva sisuke kulolusuku lwesimodeni, kuze kube usuku olwedlule. Asibuyele emuva ezinsukwini zezikhathi zasekuqaleni. Futhi leliPhimbo likaNkulunkulu lifikile kubantu bayo yonke indima yempilo, kuyo yonke iminyaka. Akukhathaleki noma ngabe ungumlimi, uma ungumthungi wezicathulo, noma kungahle ube yini, uNkulunkulu usakhuluma. Uma uyisoni, uma uyisifebe, isifebekazi, uma uyisidakwa, uma uyi (ini na?) ilungu lebandla lendawo, eliphansi—eliphansi, noma ungahle ube yini, iPhimbo likaNkulunkulu lisalindile ukukhuluma kuwe.

82 Ngicabanga ngoMose manje, lapho wayesevele eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, futhi wayeminyaka engamashumi ayisishiyagalombili yokuqeqeshwa kwesayensi yezenkolo. Futhi wayeyazi imiBhalo; wayeyazi kahle. Futhi wayenesithembiso kuye, ukuthi wayezoba ngumkhululi wabantu bakhe. Kodwa, nokho, ukwazi nje imiBhalo nokuba

yi—yilunga lebandla ngegama nje lalelobandla lesimodeni ngalolosuku, wazithathela into ngezandla zakhe uqobo futhi wazama ukukwenza. Wabulala umGibhithe. Uyabona ukuthi wenzani ngaphandle kokulalela uNkulunkulu na? Uyakuxova nje.

83 Futhi uma udeveli, kulokhu ukusa, ubeyothi, "Ungabhaphathizwa." Omunye ubeyothi, "O, kwenze kamuva." Omunye ubeyothi, "Kungcono uqiniseke ukuthi uyakwazi okwenzayo." Futhi omunye athi, "Uzolahlekelwa yisikhathi esimnandi." Indlela kuphela yokuxazulula lokho, ukuya eZwini likaNkulunkulu nakho. Kodwa abantu, namhlanje, ababonakali befuna ukwenza lokho.

84 Futhi, uMose, wayekade enorabi ababedlula bonke, kodwa base beyibo ngegama nje futhi bebanda. Wayeyizwile indaba ayeyitshelwa ngunina, ukuthi wafihlwa kanjani ebungeni, nokuthi izingwenya ama-aligeyitha zazingeke zimbambe. Kanjani ukuthi, ukuntanta phansi ngalowomfula, kwakuyileyonganyana. Lapho i . . .

85 Izingwenya ama-aligeyitha ezindala zazikhuluphele nje. (Lokhu ngokwabantwana abancane.) Zazikhuluphele, ngokudla lezo zingane ezincane. Babenabesifazane abanamakhala ayihhuku abadala, amaphoyisa abesifazane, ayengakaze abe nengane, ayengazi ukuthi uthando lwengane lwaluyini. Ngani, bavele baphume nje lapho futhi bazithatha futhi bazibulale lezozingane ezincane, futhi baziphonse phandle emfuleni. Lezozingwenya ama-aligeyitha zazikhuluphele nje, ngalezozingane ezincane.

86 Futhi, nokho, uNkulunkulu ubeka phezu kwenhliziyweni kamama ukubeka ingane yakhe khona ngqo ekufeni. Aniboni yini ukuthi kwakungumfanekiso kaKristu na? Wahamba wangena ngqo ekufeni. Futhi zonke zalezo zingwenya ama-aligeyitha ezindala zazikhuphukela kulowobhasiki omncanyanyana wehla ngomfula. Niyazi ukuthi kungani zazingeke zikwenze, kungani zazingeke ziyidle leyongane encanyanyana na? Kwakukhona iNgelosi ehlezi lapho. "Sukani lapha."

87 Ngani na? UNkulunkulu unikeza iziNgelosi zaKhe umyalo ukuqapha phezu kwabantu baKhe. Ungesabi, s'thandwa. UNkulunkulu ukubhekile. Udeveli angazama ukwenza okuthile kuwe, kepha uNkulunkulu mkhulu. Niyabo?

Ngakho-ke, izingwenya ama-aligetha zadingeka ukuthi zigijime zisuke kulowo bhasikidi omncane.

88 Futhi, nokho, uMose wayezazi zonke lezizinto. Futhi, nokho, emva kweminyaka engamashumi amane yokuqeqeshwa, futhi khona-ke ehlane, wayesalokhu ezama ukuzithathela into, ngezandla zakhe.

89 Siyalazi iBhayibheli, lokho uNkulunkulu athi kwenze, futhi nokho sithi, "Awu, manje, sizokwenza Lokhu kube nga*le*ndlela. Kungukuthi, nje, izinsuku zezimangaliso azisenjalo nhlobo. Siyazi asikholwa ukuthi siyababona futhi, futhi sikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Futhi ukufafaza kufana nje nokucwilisa. Futhi 'uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele' kufana nje neGama leNkosi uJesu. Futhi ngakho-ke nje sizo . . . Bonke uhamba ngaleyondlela, ngakho-ke sizokwenza lokho nje, nathi."

90 UMose wayekade eyindoda yezempi. Futhi wacabanga ukuthi indlela aqeqeshwa ngayo, njengendoda yempi, ukuthi nje wayengawabulala nje lawo maGibhithe awasuse ngesandla sakhe. "Yiba kahle nje njengokwenza lokho uNkulunkulu akwenza." Senake nacabanga ngakho na? Wonke umuntu uyamsola uMose ngokubulala indoda eyodwa. Futhi ubuyela emuva ezansi lapho nogcobo lukaMoya oNgcwele futhi wabulala yonke into, akekho noyedwa owasho lutho ngakho. Wabulala yonke impi kaFaro, kodwa uNkulunkulu wayengekho kukho. UNkulunkulu wayengekho kokokuqala.

91 Kwase kuthi-ke uMose, walahla nje okugcwele kwesayensi yezenkolo yebandla, wayezoba ngufaro olandelayo. Futhi siyamthola, namanje engakamazi uNkulunkulu.

92 Kodwa ngokunye ukusa, kwingemuva logwadule, indoda endala eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ubuhwanqa bulengela le maphansi, wabona isihlahla esivuthayo. Futhi waphenduka ukuze abone ukuthi kwakwenzekani. Futhi lapho esondela esihlahleni, wezwa iPhimbo. UNkulunkulu kwakufanele amthulise iminyaka engamashumi amane, ngaphambi kokuba Ake akhulume kuye. Futhi angeke sihlale sithule imizuzu eyishumi, ukuze uNkulunkulu akwazi ukukhuluma nathi, ngakho konke ukuduma nokubhonga esinakho ngalolu usuku.

93 Futhi nokho, uMose, emva kweminyaka engamashumi amane, wama lapho, naseBukhoneni balesosihlahla. Futhi leloPhimbo elilodwa elambiza, wazi okuningi ngoNkulunkulu ngemizuzu emihlanu, emva kwalokho, kunayo yonke iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili yokuqeqeshwa eyayimfundise khona. Kwenza indoda ehlukile kuye.

94 Kuzokwenza owesilisa nowesifazane ohlukile kuwe, uma nje nizoma nithule kade ngokwanele ukuzwa iPhimbo laKhe, njengoba uSamuweli enza. Yima uthule. Ungaxhuxhumi. Uma ufuna okuthile kuNkulunkulu, Mcele; khona-ke yima uthule futhi ulalele, buka ukuthi yini Azoyisho ngakho. Vele uvule inhliziyo yakho, uthi, "Kuthiwani ngakho, Nkosi Jesu na?" Hlala lapho nje. Uma Engaphenduli emahoreni amahlanu okuqala, khona-ke linda amanye. Uma Engaphenduli namhlanje, khona-ke Uzophendula kusasa. Uma Engaphenduli kuleliviki, Uzophendula ngeviki elizayo. Hlala lapho nje aze Aphendule.

95 Yizwani iPhimbo laKhe liphendula, enhliziyweni yenu, futhi athi, “Yebo, NgiyiNkosi ekuphilisayo.” Khona-ke konke sekuphelile. Ungakuxazulula ngaleyonkathi. Niyabo? “NgiyiNkosi ethethelela zonke izono zakho. Manje hamba ungabe usona. Angikulahli.” Khona-ke ungahamba ukhululeke. Usukahle. Kodwa ufuna ukuqiniseka ukuthi ulizwile leloPhimbo likhuluma. UMose waLizwa. Wayeyindoda esishintshile.

96 Bukani u-Isaya, umprofethi. Njengensizwa, wayenakho kwenziwe. INkosi enkulu u-Uziya othandiweyo, ngalezozinsuku, indoda elungileyo, indoda elungile. Wayemthanda u-Isaya, ngokuba wayazi ukuthi wayengumprofethi. Futhi ngakho-ke wavele wancika engalweni yenkosi. Yonke into ayeyifuna, ngani, u-Uziya wamnika khona. Futhi ngasosonke isikhathi ayefuna ngaso noma yini, ngani, inkosi enhle yayimnikeza khona. Kodwa kwafika isikhathi lapho inkosi yafa khona.

97 Impumelelo njalo iyabona abantu. Lokho yinto enzima ukuyisho. Kodwa impumelelo isusa umuntu kuNkulunkulu. UNkulunkulu wakhuluma endaweni eyodwa, eBhayibhelini, into ethize ngalomugqa, futhi Wathi, “Ngenkathi Ngikubusisa, futhi ngakunikeza okuningi. Ngenkathi wawuhlupheka futhi wawungenalutho, Ngeza kuwe, futhi waNgizwa futhi waNgikhonza. Kodwa lapho Ngikubusisa futhi ngikunika okuningi, khona-ke wafulathelisa ikhanda lakho kiMi.” Yilokho iMelika ekwenzile, baphendule amakhanda abo.

98 Yilokho amabandla akwenzile. Ungahlala ngaphandle emakhoneni, futhi ube nezakhiwo ezinhle ezinkulu, namadola ayizigidi nge. . . uwabeke kukho, nayo yonke into kalula nje njengoba bekungabanjalo. Akumangalisi ungenaso isikhathi sokuzwa iPhimbo likaNkulunkulu. Kodwa linda kuze kufike ihora lapho lokho kususiwe, khona-ke uyolangazelela ukuLizwa. Yonke into ihamba kahle manje, kodwa ihora liyeza lapho ingeke ibe ngaleyondlela.

99 Ngakho-ke, u-Isaya, wayengancika engalweni yenkosi. Futhi wayeyinsizwa yomusa, futhi umoya okahle kulensizwa, ngakho-ke inkosi yayimthanda yena. Futhi ngeliny’ilanga, izinsika zashaywa zaphuma ngaphansi kwakhe. Inkosi yafa. Futhi ngenkathi inkosi ifa, khona-ke u-Isaya kwadingeka ukuthi ahambe yedwa. Futhi khona-ke uqala ukuqalaza, futhi wathola ukuthi wonke umuntu wayengafani nenkosi.

100 Uzokhahlelwa uphume, ngolunye lwalezizinsuku, kulezi zinhlanganisela zamahlelo ezinjena. Kuzofika isikhathi lapho nizodingeka ukuba nibe ngabe nhlangano, noma angeke nakhonza. Njengoba nazi, umBhalo uthi kuzoba njalo. Bahlekisa ngani manje. Kodwa kuzoba khona isikhathi lapho kuzoba khona ukuduba, ngokuba uphawu lwesilo lufanele lufike.

Kuzoba phakathi kokuthi ungowomfelandawonye wamabandla, isilo esinjengoba sinjalo eRoma, noma angeke ukhonze nhlobo. Yilokho umBhalo okushoyo. Yilapho ozodingeka ukhale kakhulu njengoba u-Isaya enza.

101 Futhi wehlela ethempelini, futhi khona-ke waqonda. Waphakamisa izandla zakhe futhi wathi, "O Nkosi, ngingumuntu ozindebe zingcolile." Ucabanga ukuthi ulungile, kodwa linda kuze kufike lesosikhathi. "Ngihlala phakathi kwabantu abazindebe zingcolile." Wenzani na? Wathola ukushisekela.

102 Futhi uma uthola intshisekelo ngalento, kukhona okuzokwenza. Awushisekele ngokwenele. "O, awu, ngijoyine ibandla. Lokho kuyakuxazulula." Kodwa ufanele ube nentshisekelo ngakho. Ufanele umdinge ngempela uNkulunkulu.

103 UJesu wathi, "Babusisiwe labo abalamba futhi bomele ukulunga, ngoba bayakusuthiswa."

104 Kodwa inqobo nje uma wenelisekile ngezinto zezwe, uNkulunkulu angake akhulume kanjani kuwe na? Wena uthi, "UNkulunkulu akazange akhulume kimi." Ngani na? Uyafuna. Kodwa ugcwaliswe kakhulu ngezinto zezwe. Yileyo inkathazo ngathi namhlanje. Sibeka sonke isikhathi sethu ezintweni zezwe, nezintokozo zezwe, futhi singamniki isikhathi uNkulunkulu. Yiqiniso.

105 Manje, sithola ukuthi u-Isaya waba nentshisekelo. Futhi wamemeza kakhulu, futhi wavuma izono zakhe, futhi wavuma izono zabantu. Lapho eseqedile ukuvuma, wezwa umsindo phezulu ngaphezu kwakhe. Futhi lapho yena ebuka phezulu, kwakukhona amaKherubi, endiza eya emuva naphambili esakhiweni. Amaphiko phezu kobuso baWo, namaphiko phezu kwezinyawo zaWo, futhi endiza ngamaphiko, ememeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi Nkulunkulu uSomandla."

106 Kukhona okwakwenzeka. U-Isaya washisekela. UNkulunkulu uza emsebenzini. Futhi u-Isaya wamemeza, "Nginezindebe ezingcolile," ngokuba iPhimbo lase likhulumile. Kwamguqula.

107 "Ngubani ozoSiyela na?" kwasho iPhimbo. "Ubani ozohamba na? Ubani ovumayo ukuma esikhaleni, phakathi kwalesisigejane sosiyazi bezenkolo na? Ubani ozongena ngalolusuku, futhi asho ukuthi ngisenguNkulunkulu na? [UMfowethu Branham ungqongqotha kabili epulpiti—Umhl.] Ubani ozohamba futhi alahle ukungcola kwabo na? Ubani ozodiliza phansi amahlelo abo futhi akhe amandla kaNkulunkulu ophilayo futhi na? Ubani ozohamba na?"

108 U-Isaya wathi, "Nkosi, ngaphambi kokuba ngihambe, ngizofanele ngiphambaniswe." Okunye kwalokhu kwesaba okuncane nokuxakaniseka kwadingeka kumshiye.

109 Kuyoba njalo ngawo wonke umuntu ngamunye uNkulunkulu ambizayo! Uzofanele uzalwe kabusha, uguqulwe futhi wenziwe musha. Akusikho ukucabangela; kodwa kusukela enhliziyweni yakho, into ethile eyenzeka yongempela. Futhi enye yeziNgelosi . . . "Uma nicela, niyakuphiwa."

110 Enye yeziNgelosi yawelela e-altare lethusi, futhi yathatha udlawu futhi yafinyelela ngaphesheya futhi yathola ilahle loMlilo ovuthayo, futhi yagijimela ku-Isaya futhi yalibeka emlonyeni wakhe. Yathi, "Manje usuhlanzekile. Hamba, ukhulume iZwi." U-Isaya waguqulwa emuva kokuba ezwe leloPhimbo.

111 Khona-ke eminyakeni yakhe yakamuva, waloba iBhayibheli eliphelele. Waqala kuGenesise futhi waphetha eSambulweni. KuneziNcwadi ezingamashumi ayisithupha nesithupha zeBhayibheli; kunezahluko ezingamashumi ayisithupha nesithupha zika-Isaya. Ngani na? Ngoba wathola ukushisekela, ngesikhathi lapho aKubona kudingeka kakhulu.

112 UDaniyeli, ezansi eBabiloni, njengoba sikhulume ngaye izolo ebusuku. Wayenqumile enhliziyweni yakhe ukuthi angeke azingcolise ngemfundiso zaseBabiloni. Kodwa ngelinye ilanga, ezansi lapho, uDaniyeli waba nesidingo. Futhi wayazi ukuthi wayefuna ukuzwa iPhimbo likaNkulunkulu, nokho wayenemiBhalo. Kodwa wayedinga ukuzwa iPhimbo likaNkulunkulu. Futhi wehlela ezansi emfuleni *othize*. Futhi akehlelanga nje ezansi lapho futhi wapaka inqola yakhe futhi uguqa phansi ehlashaneni, futhi uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngifuna ukuzwa Wena. Ukuphi na?" Qhabo. Awukwenzi ngaleyondlela. U-Isaya wayethathe inqola yakhe, nabashayeli, futhi wayehlele ezansi emfuleni futhi wabathumela emuva. Wayezohlala aze amuzwe. Yileyondlela-ke. Wathola ukushisekela ngakho.

113 Wayedingeka ayothi ngqu le asuke kuwo wonke amasosha, nabo bonke osonkanyezi, nezazi, bonke odokotela besayense yezenkolo, nokunye nokunye, owayezama ukumtshela, "Lokhu! Yenza *lokhu*, Daniyeli. Yenza *lokhu*, Daniyeli." Kodwa wasuka kukho konke. Yileyondlela ozodingeka uyenze. Futhi wehlela emfuleni, futhi wahlala lapho izinsuku ezingamashumi amabili nanye, ebambana neNgelosi yeNkosi.

114 Kodwa siyatshelwa ukuthi wabuka phandle phezu kwamanzi. Lapho wabona iNgelosi imile, nonyawo lwaYo emhlabeni nasolwandle. Futhi waphakamisa izandla zaKhe futhi wafunga Yena ophila kuze kube phakade naphakade, "Lapho izinto uDaniyeli azibona zenzeka,

isikhathi asisayikubakhona." Yena wayebambezelekile izinsuku ezingamashumi amabili nanye ngenxa yobubi bezwe.

115 Futhi uma Abambezeleka izinsuku ezingamashumi amabili nanye ngenxa yobubi balelozwe, ngezinsuku zamaPeresiya, Wayezoba yini ngalolusuku na? Wayengabambezeleka isikhathi eside kangakanani na? Kodwa lokho kukholwa okungafi, lokho kulamba nokulangazelela enhliziyweni yomuntu, engeke ithi qhabo kuNkulunkulu, kodwa izobambelela kuze kuba uNkulunkulu ukhuluma eseZulwini. Angeke udlale ngaLokhu, ngaleliVangeli. Alisilo elokuba kudlalwe ngalo. Kumele kushaye isipikilana esincanyanyana, izikhathi eziphindwe kashumi kokuyishumi. Kuzofanele kuphelele, noma akulungile futhi akusoze kwasebenza. Kuzofanele kuphelele. UDaniyeli wakhuleka.

116 Siyathola eBhayibhelini, cishe esahlukweni 8, isahluko 7 noma 8 seNcwadi yeZenzo, lowo, omncane, umFarisi owazenza ogama linguSawulu. O, wayengusiyazi wezenkolo, kulungile. Wayehlale ngaphansi kokufundisa kukaGamaliyeli futhi wayenayo yonke imiBhalo, phansi ngqo ngendlela okufanele kube ngayo, ngokwezazi zezenkolo zangalolosuku, o, ozaziyo nowazenza. Futhi wabona abantu benza okuthile okwakungokomoya, futhi isayense yakhe yezenkolo eyenziwe ngumuntu ayibambisananga naLo.

117 Umfanekiso onje wanamuhla! Ethembekile futhi eqotho enhliziyweni yakhe, njengoba abantu abaningi benjalo, bacabanga ukuthi abantu abazelwe kabusha bayahlanya. Bacabanga ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu namandla kaMoya oNgcwele yinto ethize aba*khuluma* ngakho, kodwa iqiniso.

118 Ngakho-ke ngenkathi esendleleni yakhe ezansi eya eDamaseku, ngolunye usuku, nemiyalo ethile ephaketheni lakhe, ivela ku—ivela kumbhishobhi webandla, ukuba ehle futhi abhubhise sonke lesosigejane sabagingqiki abangcwele labo ababemememeza kakhulu futhi bememeza, futhi—futhi begxuma phansi naphezulu, futhi bekhuluma ngezilwimi ezingaziwa, no—nokuphulukiswa kwabagulayo. "Futhi, ngani, yisigejane sodeveli," kwasho osiyazi bezenkolo. "Yehlela ezansi ubabophe, futhi ubabuyisele phezulu lapha besemaketangweni!"

119 "Impela. Ngokuthunywa nguwe, mbhishobhi!" O, he! O, wayengumuntu omkhulu. Wayene D.D., i-Ph. D., uyazi. Ngakho-ke wagxumela ehhashini lakhe, futhi wasuka wahamba, nalabo ababemphelekezela.

120 Kodwa esendleleni yakhe, cishe emini bebade, Kukhona okuthize okwambeka phansi. Futhi wazibhixa othulini, njengomuntu ohlanyayo, ekhihliza amagwebu. Futhi wezwa iPhimbo lithi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?" Kwakuyini na? Hhayi othize usiyaz-. . .isa-. . .isazi

sezenkolo sikhuluma naye. Kepha iPhimbo elivela eZulwini, "UNgihluphelani na?"

121 Futhi waphenduphenduka othulini, futhi izinhlonze zakhe zigcwele uthuli, nezinyembezi zigingqika ngezihlathi zakhe, mhlasimbe. Wathi, "Nkosi, Ungubani na?" Futhi lapho ebhanyazisa amehlo akhe, uba yimpumputhe njengelulwane.

122 Nakho kumi iNsika enkulu yoMlilo phambi kwakhe. NePhimbo livela kuYo, lathi, "NginguJesu, Omhluphayo. Ukufundisa kwakho okwenziwe ngumuntu bekukade kuyiphutha." Kwakuyini na? Kwakukhona umbono osobala. IZwi likaNkulunkulu lenziwa laba ngokoqobo.

123 O, bazalwane, yilokho esikudingayo namuhla, ngokuningi okuthi akube kanjalo.

124 Ngifuna nje ukubonga iNkosi. Lamantombazane amancane, ezihlalweni ezinamasondo izolo ebusuku, eza, enyuka namhlanje, futhi engenazo izihlalo ezinamasondo, ngakho-ke aseyahamba. E-hhe. INkosi inibusise, mantombazane, nihlezi lapho. [Ibandla liyajabula—Umhl.] Yini ekwenzileyo na? UJesu ofanayo owakhuluma ngePhimbo elingaphezu kwemvelo emuva lapho, usakhuluma nanamuhla.

125 "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?" USawulu wayeyindoda esiguqukile.

126 Futhi abantu bebefanele baguqulwe namuhla lapho bengabona futhi bezwe iPhimbo likaNkulunkulu ophilayo likhuluma njengoba Enza ngenkathi Ehamba eGalile. O, impela!

127 "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?" Yini eyakwenzayo na? Ngabe Wamehlisela ekholiji futhi wamfundisa isayense ethize yezenkolo entsha na? Qhabo, Akakwenzanga. Wenzani na? Wakhuluma kuye, futhi kwakukhona iPhimbo langempela likhuluma eFwini. Kwakuyini na? UNkulunkulu ofanayo owaduma eNtabeni yaseSinayi.

128 Emihlanganweni, ezindaweni lapho uMoya oNgcwele ufika khona, uzwa iphimbo lomuntu lishintshile. Futhi engazi neze, o-ABC, kodwa uKristu angathatha lelophimbo futhi akhulume aveze izimfihlakalo zikaNkulunkulu uSomandla. Bekufanele kuguqule wonke owesilisa nowesifazane ohlala eBukhoneni baKhe. . .?. . . "Ngezwa iPhimbo," kusho yena. O, silele kakhulu. Ngiyethemba akunjalo, zizodingeka zenziwe zicace kunalokho. Kodwa silele kakhulu emabandleni ethu, esayenseni yethu yezenkolo, ekucabangeni kwethu, nasezindleleni zethu zokuphila, size sehluleke ukuzwa leloPhimbo lapho Likhuluma.

129 "O," bathi, "kungahle kube ukufunda ingqondo. Kungahle, niyazi, kungahle kube yi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*."

130 Kungathiwani ukuba uMose ubeyothi, "Awusho, angazi noma ngabe lelo bekuyidemoni kulesosihlahla na?" Ehhe! Akubanga bikho mbuzo kuMose, wezwa iPhimbo.

131 Uma uthi, "O, kungahle ukuba nje unembeza wami ongitshela lokho."

132 Uma ungumntwana kaNkulunkulu, uzokwazi ukuthi yiPhimbo laKhe. "Izimvu zami ziyalizwa iPhimbo lwaMi. Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi." Zizolazi.

133 Kwakukhona omunye, ogama linguPetru, owayesindisiwe, kanti futhi wayegcwaliswe ngoMoya. Futhi wayesalokhu efuna ukulenga emasikweni abadala. Konke ayezokwazi, kwakuzoba lapha eZwini. Futhi ngelinye ilanga, esiqongweni sendlu, ngenkathi efuna ukugcina amasiko okuthi, "Hhayi inyama . . . ngadli noma iyiphi inyama, namasabatha, nokunye nokunye." Kunabaningi umuntu olungile usalokhu ezama ukulenga entweni enjengaleyo.

134 Futhi ngelinye ilanga ngenkathi wayephezulu esiqongweni sendlu, wezwa iPhimbo elathi, "Ungakubizi lokho eNgikuhlambululile, 'ngokungcolile.'"

135 Nkulunkulu, ngifisa sengathi Ubengathatha isigejane sabashumayeli kulesisigodi lapha, futhi abazise ukuthi asihlanyi, asibona abagingqiki abangcwele, isigejane simfucumfucu. NguMoya kaNkulunkulu ophilayo. Futhi abesilisa nabesifazane badakwe ukulunga kwaKhe. Akusikho ukuthakatha noma ukufunda ingqondo. NguMoya kaNkulunkulu ophilayo. Zikhululeni emasikweni enu, badala, futhi nilalele iPhimbo likaNkulunkulu ophilayo. Lizokuguqula. Angeke ube ngomunye wabashushisi. Uzofuna ukuba ngomunye wabo. Uma ungadlula imigoqo yazo zonke izimfundiso zakho, uze ukwazi ukuntanta ungene eBukhoneni baKhe ngaleya, kukhona okuzokwenzeka. Angeke ukholwe ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Uzokholwa ukuthi zikhona lapha, ngoba esinye sizokwenziwa kuwe, impela, ukuguqula umuntu. Yilokho iPhimbo likaNkulunkulu elikwenzayo njalo. Liguqula abesilisa nabesifazane futhi libenze babe yilokho abafanele babe yikho; hhayi lokho izikole nothisha abakwenzile, kodwa lokho uNkulunkulu abafanekisele khona.

IPhimbo, likhuluma! "Ngizwe iPhimbo."

136 O, ngingathanda kanjani ukungena ezehlakalweni ezinqondene nami. Nokuthi ningathanda kanjani ukuya ebufakazini bomuntu siqu sakhe, abaningi benu madoda nabesifazane olizwile iPhimbo laKhe.

137 Futhi ngiyakhumbula ngiLizwa ngenkathi ngisengumfanyana nje, ezansi le ezintabeni zaseKentucky. Futhi ngacabanga ukuthi kwaKuyinyoni ihlezi esihlahleni, kodwa inyoni yandiza yahamba. Wathi, "Ungesabi, ngoba uzosuka

lapha ngelinye ilanga, futhi uhlale eduze kwedolobha elibizwa ngokuthi iNew Albany." Ngalizwa iPhimbo laKhe ngenkathi Ethi, "Ungabhemi, noma uphuze, noma ungcolise umzimba wakho ngabesifazane nokunye nokunye. Kunomsebenzi okufanele uwenze lapho usukhulile."

138 O, UseyiNkosi uNkulunkulu ofanayo. Futhi niyaMuzwa, ihora emuva kwehora, ekhuluma kini ekamelwaneni lakho elincanyana, egumbini lakho lokukhuleka. Phumela ngaphambi kwezethameli, bese-ke ukhuluma okubonakalayo kubantu. IPhimbo likaNkulunkulu, Lalenqabile ngezinsuku zikaSamuweli. Lenqabile kakhulu namuhla. Ngokuba, kwakungekho mbono osobala.

139 UPetru walizwa iPhimbo, futhi laguqula konke okwesayense yakhe yezenkolo. Wahamba waqonda ngqo kwabeZizwe, ayecabanga ukuthi bayisigejane sabantu abangafundile abalahliwe. Kodwa, iPhimbo likaNkulunkulu, hhayi ukufundisa kwakhe, iPhimbo likaNkulunkulu ophilayo lamguqula.

140 Futhi manje okukodwa nje okunye. Kwakukhona indoda elungile, ngesinye isikhathi, eBhayibhelini. Owazana siqu noJesu, owayeMthanda, futhi ekholelwa kuYe, futhi eMkhonza, futhi wadlala naYe, futhi wahamba wangena emagqumeni naYe, futhi ezansi emfuleni, edoba naYe. Wayeyindoda elungileyo. Ngelinye ilanga, ngenkathi uJesu esahambile, ukufa kuyafika kuyeba egumbini lakhe.

141 Futhi wayeshiye ibandla elidala lomthetho, yena nodadewabo abathandekayo, uMartha noMariya. Futhi babephumile ngoba babeMthanda, futhi beMkholwa ukuthi unguMesiya. Futhi ngokwenza kanjalo, ibandla lase libaxoshile ngokushesha.

142 Futhi lensizwa yagula kakhulu yaze yafa, futhi yayisingcwatshiwe, izinsuku ezine. Beziyosiza ngani izimfundiso zolwazi lwezenkolo ngaleyonkathi na? Kusiza ngani ebandleni lakhe ukwenza-ke na? Kodwa kwakukhona iPhimbo likaNkulunkulu, emhlabeni, futhi Wakhuluma kuLazaru. Futhi uLazaru, umuntu owayefile futhi wabola ethuneni, walizwa iPhimbo laKhe, futhi waphuma futhi waphila futhi.

143 Ngangifile kanye, esonweni naseziphambekweni. Wawufile esonweni naseziphambekweni. Kodwa kwakuyiPhimbo likaNkulunkulu elathi, "Wozani kiMi, nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo, Ngizoniphumuza."

144 Ngilibonile iPhimbo likhuluma kokhubazekile, limqondisa. Ngilibonile iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma empumputheni, futhi amehlo ayo avuleka. Kofayo, ogogobaliswe ngumdlavuza, konochoko, ngibabonile bebuyela enyameni, ekuphileni okuphelele futhi. NgiMbonile ekhuluma kwabahlulwa uphuzo, abaguliswa yimizwa, nabalahliwe, isigejane sabangenamakhaya, futhi baba amanenekazi nabanumzane

abahloniphekile, nabangcwele bakaNkulunkulu ophilayo, ngoba iPhimbo likaNkulunkulu lakhuluma. Yilokho esikulalelayo, namhlanje.

145 Angivale ngokusho lokhu. Kuyofika isikhathi, ukuthi lapho umphefumulo wakho ozulazulayo usuthathiwe emzimbeni wakho, futhi usesiphethelweni sawo kwenye indawo, uzulazula ngaleya ebumnyameni, noma phakathi esifubeni sikaNkulunkulu. LeloPhimbo lizokhuluma futhi. Futhi iBhayibheli lasho, ukuthi, "Bonke labo abasemathuneni bayolizwa iPhimbo laKhe, futhi bayophuma. Abanye bayofika ehlazweni elingunaphakade nokunengwa. Futhi abanye bayoza ngaphambili ekuthuleni nenjabulo kwaphakade."

146 Kulokhu ukusa kungahle kube isikhathi ocabangisisa ngaso, phakathi kokuthi uzolalela okushiwo yithelevishini, noma lokho okushiwo amaphepha, noma lokho osiyazi bezenkolo abakushoyo, noma lokho uNkulunkulu akushoyo. Ake nginitshele, njengabantu. Ungalaleli noma yini okushoyo, ngaphandle kwalokho uNkulunkulu akushoyo. Linda lelo elihashazayo, iPhimbo elincane, futhi Uzokuguqula.

147 Wena uthi, "Ngithanda ukukholwa, Mfowethu Branham. Ngifisa sengathi ngingakholwa. Ngifisa sengathi ngingenza izinto ezithile." Kodwa angeke. Ngani na? Awutholi ukuthula isikhathi eside ngokwanele. Awungeni endaweni lapho u—ukungabaza konke sekuhambile.

148 Uma ungena endaweni lapho ukungabaza sekwedlule, khona-ke uzokhululeka, futhi ungalizwa iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma. "Mntwana waMi, NginguMsindisi wakho. Mntwana waMi, ngingumphulukisi wakho. Awufanele wenze lezizinto. Ngafa ukuze ukhululeke. Kodwa inqobo nje usephansi lapha kulokhu kuthuthumela, okuxutshaniswe nazo zonke izinhlobo zamaphimbo, vele ushwilizise kusuke kubo bonke."

149 Kungikhumbuza ngesikhathi leso engangiphezulu ezintabeni ngaso kanye. Angisoze ngazikhohlwa lezozehlakalo. Futhi lapha cishe eminyakeni eyishumi edlule, noma kanzima isikhathi eside kangako, ngangisiza uMnu. Jefferies ekuqoqeni imfuyo, futhi ngenkathi babenosawoti emahhashini. Futhi ngangizithatha ngiziyisa ekukhotheni okuthize lapho engangingazilalisa khona ngaphandle, lapho izinkomo zazingakwazi ukuza. Emuva le, amamayela angamashumi ayisikhombisa, cishe impela, ukusuka empucukweni. Noma, ngiqonde, cishe amamayela angamashumi amathathu, amashumi amathathu nanhlanu, mhlawumbe amamayela angamashumi amane, ukuya eKremmling, eColorado, ukuya lapho ushaya khona edolobheni elincane elinesibalo sabantu abangamakhulu ayisikhombisa noma ayisishiyagalombili. Futhi ngangikade nginehhashi lami, futhi nganginesikhwama

esilenga esihlalweni sehhashi ngaphandle, sehlisiwe. Futhi sibuka e. . . sifunisisa izinkomo ngezibonisa kude. Futhi ngangihhuke ihhashi lami egatsheni, futhi izinqola zazingemuva kwakhe, okungukuthi, ihhashi. . . ihhashi lensimbi liphambili. Futhi ngakhuphukela emagqumeni. Futhi kwakukuhle kakhulu. Kwakusentwasahlobo. Futhi ngangibuka ngaphesheya kwezigodi, ngibuka ukugeleza okuncane kwamanzi, kude le ebangeni. Futhi lapho ngibhekisisa, kwakuphakathi nentambama, futhi ngabona okuthize lokho okwanginyakazisa.

150 Ngimbonile umama omdala ethatha izingane zakhe esidlekeni sakhe, inyoni endala ewukhozi. Futhi wabhakuza ngokuzungeza phezu kwazo waze wazibeka emaphikweni akhe. Futhi zazikade zingaphandle kwesidleke phambilini. Kodwa wazithatha wazehlisela esigodini. Zazingakaze zibe sezansi lapho phambilini. Zazifunda ukundiza nje. Ngakho-ke, wazishiya. Futhi zazihambisana, zicosha etshanini, futhi zigingqika enye phezu kwenye, zingakhathazekile nje njengoba bekungenzeka. Futhi ngenkathi ngisahlezi lapho, ngacabanga, "Manje, lokho akufani nje neqembu langempela, amaKristu akholwayo! Azikhathazeki." Yingani zingakhathazeki na? Zazingadingeki zesabe lutho, ngoba umama wayehambile waqhubeka wabuyela emuva futhi wahlala phansi edwaleni, ukuba azibheke. O! Lokho kuyakushintsha nje.

151 Uma ucabanga, "Uzocabangani uMelusi *S'bani-bani* uma kwenzeka ngithola uMoya oNgcwele na? Uzothini uMbhishobhi *uS'bani-bani* na?" Anginandaba ukuthi bathini.

152 UJesu wafa, futhi Ukhwele izingange zeNkazimulo, futhi Uhlezi emazulwini amazulu. Akukho lutho oluzokukhathaza. Iso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi Ungibhekile, futhi Ukubhekile.

153 Khona-ke lapho kufika, uma kungafika inkentshane ikoyote, noma into ethize ukuphazamisa enye yalezi ezincinyane, ngani, yena. . . Bekungaba ngcono zingakwenzi. Ubengavele aliphakamise inkentshane ikoyote ngesandla sakhe, ngamazipho akhe, alithwale aliyise phezulu cishe amafidi ayizinkulungwane ezimbalwa bese nje eyalidedela. Beliyobuthuka emoyeni. Akukho lutho oluzozikhathaza lezo ezincinyana. Uzokuqaphela.

154 Akukho lutho oluzokukhathaza. Ungesabi ukuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Khululeka nje, futhi ube nokukholwa, futhi ukholwe. Ukubhekile. Uyobuthuza noma yini ezama ukukukhathaza. O, kungahle kukuhlasele, kodwa angeke kukulimaze. "Ngoba zonke izinto," Uyakuvumela. Bekungeke kwaba yilutho olunye, "Ngoba kusebenzelana kube ngokuhle, kulabo abathanda iNkosi." Akukho ngozi engafika.

155 Futhi ngakho-ke, emva kwesikhashana, nakho kukhuphuka isiphepho. Futhi lapho isiphepho siqala, siza ngokushesha,

lezo zasenyakatho, ukukhanya okuncane kombani nalowomoya uza, amamayela angamashumi ayisithupha noma amashumi ayisikhombisa ngehora. Futhi lowomama khozi omdala ukhipha ukuklabalasa okukhulu kakhulu, futhi ehlele ezansi esigodini. Futhi lokho kuklabalasa, kwenzani na? Lezo zinkozi ezincane zazilazi iphimbo likamama wazo.

"Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi," Washo.

156 Ingozi yayiseduze. Manje, azizamanga ukungena ngaphansi kwezinqamu. Azizamana ukugijimela ngaphandle zingene ohlobweni oluthile lwenqwaba yemfucumfucu. Zavele zalinda umama.

157 Yilokho umKristu afanele akwenze; abone ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani ngakho.

158 Futhi uma u—umama omdala eshaya emhlabathini, lezo zinyawo ezinkulukazi cishe ka*njalo*, wavele wantweza njengendiza enkulu enkulukazi ihlala phansi. Futhi waphonsa ikhanda lakhe emoyeni futhi waklabalasa, futhi waphonsa lawomaphiko amakhulu, cishe amafidi ayishumi nane, kusukela echophweni kuye echophweni, ebanzi njengokusuka ku*lesi* sigxobo kuye ku*leso*. Zonke lezo zinkonzi ezincane zigijima nje ngawo onke amandla, futhi zagxumela ngqo emaphikweni kamama wazo. Zafinyelela phansi ngqo futhi zabambelela ngamazipho azo amancane, zathatha imilonyana yazo emincane, zabambelela kwelilodwa lalezo zimpaphe eziqinile phakathi lapho. Umama wavele wazithatha, ngaphandle ngokuvevezela kwalawomaphiko, futhi waphakanyiselwa kulowomoya. Waqonda ngqo emadwaleni, ukuyozicashisela isiphepho esasiza.

159 O, mfowethu, isiphepho sesisondele kakhulu. Yizwani iPhimbo laKhe. Liyakubiza, "Phumani eBabiloni. Zahlukaniseni. Ningabi abahlanganyeli bakhe, izono zabo. Ngizonamukela. Nizoba ngamadodana namadodakazi kiMi. Ngizoba uNkulunkulu kini."

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, ekuvaleni.

160 [Othile unikeza isiprofetho—Umhl.] Amen. Nikuzwile lokho. Yilokho esikubiza ngesiprofetho ebandleni.

161 Bangabakhona abanye lapha kulokhukusa, engaziyo ukuthi ukhona, obengathi, "Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Nakuba ngijoyine isonto, ngikwenzile ukuvuma, kodwa a—angazi ukuthi kuyini ukuzithulisa phambi kwaKho, futhi ngizwe iPhimbo laKho lingihola futhi lingifundisa. Bengingengazi ukuthi ngenzenjani uma Ubungakhuluma kimi ngePhimbo elizwakalayo. Ngingathanda ukwazi Wena, ukuze Uzokhuluma nami futhi uqondise izindlela zami"? Ningaziphakamisa izandla zenu manje nje futhi nithi, "Nkulunkulu, yiba nomusa"? INkosi ikubusise, yonke indawo, izandla kuyo yonke indawo. Qhubekani nje niziphakamise. Kunjalo. "Nkosi, yiba

nomusa kimi. NgiyaKudinga kakhulu." Bangabakhona abanye ngaphambi nje kokuvala na? UNkulunkulu uyazibona izandla zenu emuva lapho, nenekazi, nani nonke le emuva, futhi abami emigqeni nokunye nokunye. UNkulunkulu uyanibona, ngisho nasemsamo, phezulu ngalapha.

Futhi uSamuweli wathi, "Eli, ungibizile na?"

U-Eli wathi, "Qhabo, ndodana yami, angizange ngikubize."

162 Bekungeyimi lowo okhulume enhliziyweni yakho, mngani. Lowo bekunguNkulunkulu. Phendula nje futhi uthi, "Inceku yaKho iyezwa. Futhi ngingenise ekunakeleleni kwaKho, namhlanje, Nkulunkulu. Makuthi mina, kusukela kulolusuku, ngibe ngowaKho ngokuphelele."

163 Nkulunkulu oPhakade, mthandi womphefumulo, Mdali wazo zonke izinto, lapho lelo elihashazayo elincane iPhimbo likaNkulunkulu elakhuluma kuSamuweli, elakhuluma kuSawulu, elakhuluma kuPetru, elakhuluma kuDaniyeli, no-Isaya umprofethi, futhi kwehle njalo kudabule eminyakeni, likhulumile futhi namhlanje ekuseni etabernakele. Mhlasimbe mhlawumbe ezingamashumi amathathu, noma amashumi amane, noma mhlawumbe izandla ezingamashumi amahlanu, zezoni namalunga ebandla, nabantu abanokuxakaniseka, baphakamise izandla zabo. Iningi labo bebelapha izolo ebusuku, futhi balizwile iPhimbo laKho lifika ngokuzwakalayo. Futhi manje, namhlanje ekuseni, leloPhimbo elincane elifanayo likhuluma phansi ekujuleni kwenhliziyo yabo. Baphakamise izandla zabo, nezandla zabo zibheke ngaseZulwini, besho ukuthi banephutha, futhi bafuna ukuba kahle.

164 Ushilo eZwini laKho, ukuthi, "Akakho ongenza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi bonke abazokuza, Ngizobanika ukuPhila okuPhakade. Futhi ngiyakumvusa ngosuku lokugcina."

165 Wakwethembisa, Baba. Manje sibiza Wena, njengenceku yaKho, ukunikeza kulaba abaphakamise izandla zabo, ukuPhila okuPhakade nenjabulo yaPhakade. Futhi kwangathi bangaphilela Wena, zonke izinsuku zokuphila kwabo. Futhi ekupheleni kwendlela yohambo lwempilo, bangene ezinjabulweni zeNkosi. Siphe khona, Baba. Sikucela eGameni likaJesu nangenxa kaJesu. Amen.

166 Bangaki kini abaMthanda ngenhliziyo yenu yonke, yonke nje inhliziyo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, kulezizindawo ezincane lapha kanjena . . . Sengileyithi. Kodwa iBhayibheli lasho, ukuthi, "Sihlala ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu uJesu." UMoya oNgcwele uyafika, ungena eZwini, wehlele phansi wedlule ezethamelini, futhi ungaLibuka nje lapho Lishanela phezu kwabo, libashintsha.

167 Njengoba ngishilo, ngiyakholelwa emadlingozini. Impela. Kodwa, wena, ini. . . Niyabona, amadlingozi awakushintshi. Amadlingozi azofanele ahambe ayothi ngqu phakathi kuze kuthinte izimilo zobuwena. Yilokho okukushintshayo ekoneni . . .

168 Yini isoni na? Ongakholwayo. Kunabaningi umuntu namhlanje, one—iziqu zeziQu zoBuciko, neziqu zobudokotela, nePh. D., no-L. D. abaphindwe kabili egameni labo, futhi basalokhu beyizoni. Uyalazi iBhayibheli kusukela kuGenesise kuye eSambulweni, eshumayela epulpiti, futhi esalokhu ekho-. . . abangakholwayo. IBhayibheli lathi, "Ongakholwayo usevele ulahliwe."

169 Buza oyedwa walabo bantu uma bekholwa ukuthi uMoya oNgcwele ungowanamuhla. "Ngani, impela akunjalo." Uyakukholwa ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyikho na? "Ngani, impela akunjalo." Khona-ke ungongakholwayo. Kunjalo. Uma uMoya oNgcwele ukuwe, angeke yini Azifakazele eZwini laKhe uQobo na? Futhi uma umoya okuwe ufakaza okuphambene kulokho uNkulunkulu athi kuyiqiniso, akusiwo uMoya kaKristu. Ungahle ube ngowebandla likaKristu, kodwa awusiye okaKristu kuze kuthi umoya wakho uthi "amen" kuso sonke isithembiso esenziwe nguNkulunkulu. Futhi lapho Ethembisa . . .

170 UPetru washo, ngoSuku lwePhentekoste, wathi, "Phendukani, nonke, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Futhi uma umoya wakho uthi lokho kwakungokolunye usuku . . . Wathini umBhalo na? "Ngokuba isithembiso ngesenu," umJuda, "nesabantwana benu, nakubo abakude," oweZizwe, "ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Isithembiso esifanayo.

171 Wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Futhi uma leyo kuyiMfundiso yegatsha, igatsha lokuqala, igatsha lesibili lizofanele libe neMfundiso efanayo. Futhi iMfundiso efanayo izoveza imiphumela efanayo. Futhi njengoba igatsha ngalinye livela emVinini, lizoveza into efanayo. Ngiyajabula, kulokhukusa, ngijabule kakhulu ukuthi ngiyazi ukuthi uMoya kaNkulunkulu ophilayo usakhuluma futhi ukhuluma kubantu, futhi uqinisa iZwi laKhe.

172 Siya enkonzweni yombhaphathizo emizuzwaneni embalwa nje. Uma wafafazwa, wathelwa, noma wacwiliswa nganoma iyiphi indlela kunaseGameni leNkosi uJesu Kristu, uphoselwe inselelo ukuba uze emanzini.

173 Manje uthi, "Mfowethu Branham, ngabe ubuqonde ukungitshela na?" Yebo, mfowethu.

174 Ukufafaza akukhulunywa ngakho eBhayibhelini. Akukho ndawo eBhayibhelini lapho noma ngubani ake afafazwa.

Manje khumbulani lokhu. Ngibuze lelideski, iviki lonke. Ngitholeleni lapho umuntu oyedwa eBhayibhelini ake afafazwa kukho ukuthethelelwa kwezono zabo, ake athelwa kukho ukuthethelelwa kwezono zabo, noma ake abhaphathizwa ngokucwiliswa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele" kukho ukuthethelelwa kwezono zabo. Akukaze kube nomuntu owake wafafazwa, wathelwa noma wabhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," kuzo zonke izivalo zeBhayibheli. Qhabo, mnumzane. Babe . . .

175 Kwakunabanye abantu ababhaphathizwa ngesinye isikhathi nguJohane uMbhaphathizi, futhi babengabhaphathizwanga kunoma yiliphi igama nhlobo, futhi babhaphathizwa ngumuntu ofanayo owabhaphathiza uJesu. Kodwa uPawulu, ngenkathi ehlangana nabo eZenzweni 19, wabatshela ukuthi babefanele beze futhi baphinde babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, noma babengeke bawemukele uMoya oNgcwele okwamanje.

176 Ngenkathi uPetru ethola abanye ababekade bemukele uMoya oNgcwele ngaphambili kokuba babebhaphathiziwe, wabayala futhi wahlala nabo baze babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Lelo yiqiniso, mngani.

177 Ngiyazi abantu abaningi bathi, "Manje, uMfowethu Branham uyi Jesus Only." Lokho yiphutha.

178 Ngiyayikholwa nje imiBhalo. Angisonti kunoma yiliphi lamahlelo. Futhi iJesus Only ayibhaphathizi ngaleyondlela, nokho. Bayabhaphathiza nje, eGameni lika "Jesu." IBhayibheli lathi, "INkosi uJesu Kristu." Baningi oJesu, kodwa inye kuphela iNkosi uJesu Kristu. Niyabo? Niyabo? UKristu unguMesiya. Niyabo? Futhi kunjalo.

179 Futhi manje, bangane, manje, nina enilapha kulokhu ukusa, awukaze ubhaphathizwe ngaleyondlela, kwangathi iPhimbo elihashazayo likaNkulunkulu elincane lingakhuluma phansi ekujuleni komphefumulo. Futhi kungakhathaleki ukuthi umbhishobhi, liphi ibandla, noma yini enye into ekushoyo, wozani futhi nilalele iNkosi, lowo ngumyalo wami kini.

180 Futhi, manje, uMfowethu Neville uzoya ku*leli*gumbi, ukulungiselela inkonzo yombhaphathizo. Nalabo a—abalungiselela izinto, abanye bamalungu bazohamba nami. Ngizoba nani phakathi lapho, emzuzwini nje.

181 Kodwa ngifuna labo abezayo manje, lapho sizocula, "Ngiyamuzwa uMsindisi wami ebiza." "Ngizohamba naYe. Kungakhathaleki ukuthi yiliphi ibandla, ngizohamba naYe. Kungakhathaleki ukuthi noma ubani, ngizohamba naYe yonke indlela." Makuthi a—abesilisa benze indlela yabo baye ku*leli*gumbi, futhi abesifazane benze indlela yabo ku*leli*gumbi, njengoba sicula manje. Khona-ke sizokhishwa, ngokusemthethweni, emzuzwaneni nje manje. Kulungile. Sonke kanyekanye manje.

Ngiyamuzwa uMsindisi wami ebiza,

182 Manje, abesilisa abahambe *lapha*, abesifazane *ngapha*. "Owami uMsi-. . ." Abanye besifazane ngenani lapha nalaba besifazane, ngiyacela.

Ngiyamuzwa uMsindisi wami . . . (Yini oyizwile na? IPhimbo laKhe.)
"Thatha isiphambano saMi, futhi ulandele, uNgilandele."

Lapho E . . . (Manje nikusho ngempela na?) . . . ngizolandela,
Lapho Engiholela khona ngolandela,
Lapho Engiholela khona ngolandela,
Ngohamba naYe, naYe yonke indlela.

183 Manje, njengoba ngisho lokhu, mngani, ngizwe iPhimbo. Futhi uma iPhimbo lingakhulumanga ngokwePhimbo likaNkulunkulu, *Lapha*, yiphimbo elingalungile. Kodwa, "Izimvu zami ziyalazi iPhimbo laMi."

184 Ungeza kanjani na? Nasi isizathu sokuthi uze. Yingenxa yokuthi, "Igama lakho lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe." IBhayibheli lasho njalo. Cabanga ngomuntu ohlezi futhi owaziyo ukuthi lelo yiQiniso leVangeli, futhi nokho into ethize ibabambile, bazi ukuthi mhlawumpe igama labo alifakwanga. Khona-ke ini na?

"BaNgikhonza ngeze." Niyabo, "Ngeze."

185 "O," uthi, "Ngiyindoda ethembekile. Ngithembekile . . ." Lokho akuhlanganisi lutho nakho.

186 "BaNgikhonza ngeze, befundisa imfundiso imiyalo yabantu."

187 Nginitshelile, akekho umuntu owafafazwa, wathelwa, noma wabhaphathizwa, egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele" eBhayibhelini. Kuhloleni. Kutholeni. Uma kukhona, woza uzongikhombisa, emsamo namhlanje ebusuku. Khona-ke, wenziwe ngaleyondlela, ulandela isiko lomuntu.

188 Futhi uma umuntu othize ekutshela ukuthi, "Awu, khuphuka futhi wenze ukuvuma kwakho, uzokwemukela uMoya oNgcwele khona-ke." Lokho akulungile. Leyo yimfundiso eyenziwe ngumuntu.

189 Kukhona umbhaphathizo wamanzi wamanga. Kukhona umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wamanga. Udeveli uzifanisa naWo ngoba uyakholwa. UKayini, ubaba wakhe wayekholwa, njengoba kade sedlula kukho. Inzalo yenyoka isaqhubeka. NeNzalo yowesifazane, ngoKristu, isaqhubeka.

"Kodwa, akekho ongeza ngaphandle uma uBaba waMi emdonsa."

190 Manje cabanga ngabathile abahlezi lapha, kulokhu ukusa, owaziyo ukuthi wabhaphathizwa ngokwamanga, esivumwenikholo somuntu, futhi hhayi ngokweBhayibheli, nokuzalwa kwakho kokuqala kokuvuma kuyiphutha. Ungake ube kanjani ngolungile, ngaphandle kokuthi ubuyele emuva bese uqala kahle na? Niyakhumbula, ngaleliviki, ngishumayelile: *Kwakungenjalo Kusukela Ekuqaleni.*

191 Manje, futhi uma ungezwa iPhimbo likhuluma kuwe, lowo nguNkulunkulu, ngoba Libambisana nomBhalo. Uma lingenjalo, khona-ke kukhona uhlobo oluthile lwephimbo elingalungile elikhuluma kuwe. Kodwa iPhimbo elifanele lizokutshela ukuthi ulandele imithetho yeBhayibheli; akukho kufafaza, akukho kuthela, akukho okungokwamanga. Phuma uqonde ngqo futhi ulandele imithetho yeBhayibheli.

192 Kwenzeni, bangani, uma kuthathe yonke into. Angikhathali ukuthi bekungabiza ini, ngizobeka eceleni yonke into, ukuba ngilandela iNkosi uJesu.

193 "Ziyalizwa iPhimbo laMi. Izimvu zaMi zizolizwa, futhi zizoza kiMi. Futhi konke lokho okuzoza kiMi, Ngiyobanika ukuPhila okungunaphakade, futhi ngimvuse ngezinsuku zokugcina." Ngabe kunjalo na?

194 Nakhu, khona kanye emiBhalweni. Akekho ongakufakazisa ukuthi akunjalo Lokho. Kunjalo. Akekho ongakufakazisa ukuthi akunjalo Lokho. Nakhu, eMandleni kaMoya, enza izinto ezifanayo uJesu azenza. *Nangu* Yena, esithombeni, iNsika yoMlilo efanayo, ihamba, izithelo ezifanayo, uMoya ofanayo, enamadlingozi afanayo, isenzo esifanayo, izibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo. Nakho lapho okhona. Yizwani iPhimbo likaNkulunkulu kulokhu ukusa.

Futhi iPhimbo lathi, "Samuweli."

195 Wathi, "Yebo, Nkosi. Yebo, Nkosi. Ngilapha. Nansi inceku yaKho. Nansi inceku yaKho. Ngizolandela."

UNkulunkulu abusise inenekazi. "Ngizo . . . "

196 Wena uthi, "Mfowethu Branham, wenza lokho kuqine ngokwesabekayo." Ngiqonde ukuthi kuqine. Kuphakathi kokuPhila nokufa, ngakho-ke ngifanele ngikwenze kuqine. INkosi ibe nawe, ngumkhuleko wami oqotho.

197 Manje, ngaphambi kokuba basuse ifenisha yesakhiwo lapha, ukuba ne . . . ukuze nizobona umbhaphathizo. Indawo ivulekile ngaso sonke isikhathi. Ngifuna ukufunda okunye, khona ngqo okusuka emiBhalweni, ukuze nizobona ukuthi ngi—ngiyafunda.

198 UJesu Kristu, esahlukweni 16 sikaMathewu oNgcwele, ngiyakholwa, watshela uPetru, "Ngikunika izikhiye zoMbuso weZulu. Noma yini oyibopha emhlabeni, Ngiyoyibopha eZulwini; noma yini oyikhulula emhlabeni, ngiyoyikhulula

eZulwini." Nonke niyakwazi lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

199 Ngosuku lwePhentekoste, lapho uMbuso kaNkulunkulu wawusufike ekugcwaleni kwaMandla aWo, niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UPetru, emile. Manje, ngenkathi uJesu evuka kwabafileyo, Wayengenazo izikhiye zoMbuso. Ngabe kunjalo na? ["Amen."] Wayenezikhiye zokufa nesihogo, hhayi izikhiye zoMbuso. Futhi lapha yilokho akusho ngenkathi eshumayela, futhi babezizwa lezizinto, futhi babeyenze lukhuni inhliziyo yabo. Lapha yilokhu ncamashi uPetru akusho.

200 Manje lalelisisani njengoba ngifunda imiBhalo, ukuze nizoqonda. IZenzo, isahluko 2. Khumbulani. Bangaki obelapha ukuzwa intshumayelo, *Kwakungenjalo Kusukela Ekuqaleni na?* Asibuyele ekuqaleni futhi sibone ukuthi umbhaphathizo, umbhaphathizo ngempela uyini. Sifanele sibhaphathizwe kanjani na? Sifafazwe, sithelwe, noma egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele"?

201 Khumbulani, ngiphosele inselelo noma yimuphi umfundisi, noma yimuphi umbhishobhi, noma ngubani, noma kuphi, noma ngasiphi isikhathi, ukuba angikhombise umBhalo owodwa lapho noma yimuphi umuntu ake afafazwa, wathelwa, noma wabhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Kuvuliwe. Akukho emiBhalweni. Qhabo.

202 Kungesamanga, isivumokholo esenziwe, esaqalwa yibandla eliKatolika. Ukufafaza kwasungulwa yibandla eliKatolika, cishe eminyakeni engamakhulu ayisithupha ngemuva kokufa komfundi wokugcina. U "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele" kwaqala ukwenziwa ngesikhathi esifanayo, ngoba abantu baKatolika bakhonza onkulunkulu abehlukene, futhi benza uziqu zintathu wamahhovisi kaNkulunkulu. Hhayi oNkulunkulu abathathu; uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Lobo ubuhedeni.

203 Munye uNkulunkulu. "Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi." "Yizwani, O Israyeli, ngiyiNkosi uNkulunkulu wenu, uNkulunkulu munye."

204 UmJuda wasibuza, "Yikuphi okunguNkulunkulu wenu; uYise, iNdodana, noma uMoya oNgcwele na?"

205 Munye kuphela owabo. Ngamahhovisi amathathu uNkulunkulu ofanayo asebenza kuwo, ezibonakalisa Yena uqobo.

206 Kuqala, kuYise, ngeke kwathintwa. Kwalengiswa entabeni; ngisho inkomazi noma isilwane ebesiyothinta intaba, sasifanele sibulawe.

207 Khona-ke Wehla, ngoba Wayefuna ukukhonzwa. Wasondela kakhudlwana kumuntu, ngoba Uba yiNdodana yomuntu. UNkulunkulu wayekuYe.

208 Futhi ngenkathi Ekwenza lokho, khona-ke wathi, "Kuseyisikhashana nezwe ngeke lisaNgibona. Nokho, niyoNgibona nina, ngokuba Mina," isabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu." Ini na? INsika yoMlilo. "Ngibuyela kuNkulunkulu." Wakwenza. Wakwenza. Futhi khona-ke lapho Ekwenzile lokho, Wabuyela kuNkulunkulu.

209 Khona-ke sithola uPawulu, esifundweni sethu namhlanje ekuseni, esendleleni yakhe eya eDamaseku. Futhi Wathola uPawulu ezansi emgwaqeni. Futhi Wamshaya wamlahla phansi. Futhi lapho uPawulu ebheka phezulu, Wayeyini na? INsika yoMlilo futhi, ukuKhanya okwakhipha amehlo akhe.

210 Bukani ukuthi uJesu wenzani ngenkathi Wayesemhlabeni, futhi watshela owesifazane izono zakhe, wenza zonke lezizinto. Futhi wathi, "Angenzi lutho ngaphandle uma uBaba eNgikhombisa kuqala."

211 BaMbuza, bathi, "Kungani Ungehleli ezansi lapho futhi uphulukise labobantu ezansi lapho na?" Wedlula isixuku esikhulu, lapho isishosha, inyonga, impumputhe noshwabeneyo. Waphilisa indoda eyayinenkathazo yendlala yesinye, noma okuthize, ilele ohlakeni. Wathi, "Kungani Ungaphilisi isigejane sabo bonke na?"

212 Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile . . . " UJohane oNgcwele 5:19, manje, "Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwaYo; kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza."

213 Lapha Ufikile futhi, ngalolu izinsuku zokugcina. Izwe lesayense ngeke lakusola. Ibandla ngeke lakusola. Nakhu lapha, kubuyela emuva ngqo kungena ebandleni futhi kwenza into efanayo. UMoya! UNkulunkulu ufuna labo abazokhonza ngoMoya nangeQiniso. NaNgu lapha.

214 Nakhu Akusho ngoSuku lwePhentekoste, uPetru eshumayela.

> *UJesu lo uNkulunkulu wamvusa,* lapho a . . . sonke *singofakazi.* (Singofakazi na?)
>
> Lapho *ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, . . . esamukele kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele, wakuthulula lokhu, enikubonayo nenikuzwayo.*
>
> *Ngokuba uDavide akenyukelanga* . . . ezulwini: *kepha yena* wathi, *INkosi yathi eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami,*

*Ngize ngize ngibeke izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho.*

*Ngakho indlu yonke yakwa-Israyeli yazisise, ukuthi uNkulunkulu umenzile uJesu ofanayo, enambethela, iNkosi noKristu.*

*Manje sebekuzwa lokhu,* (lowo kwakungabantu abakholwayo) *sebekuzwa lokhu, bahlabeka enhliziyweni, bathi kuPetru na . . . kwabanye abaphostoli, Madoda bazalwane, siyakwenzenjani na?*

215 Singahamba nje futhi sibekahle na? Qhabo, qhabo. Qaphelani, Petru, unezikhiye eMbusweni manje. "Obatshela khona," uNkulunkulu wathi, "Ngiyokubopha eZulwini uma ukubopha emhlabeni."

*UPetru wathi kubo, Phendukani,* nonke, nibhaphathizwe *egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.*

*Ngoba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakubo* bonke abakude kakhulu*, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.*

216 Omunye futhi umBhalo. Iminyaka engamashumi amathathu nambili emva kwalokho, uPawulu, ngapha esahlukweni 19.

*UPawulu esedabule amazwe angasenhla* a . . . *Efesu:* uthola *abafundi abathile, Futhi wathi kubo,*

*Namamukela uMoya oNgcwele selokhu nakholwayo na?*

217 MaBaptisti, lokho makuzike kini. "Namemukela uMoya oNgcwele selokhu nakholwayo na?" Ngukuzalwa, hhayi ukuvuma.

. . . *A*sazi lapho ukuba *ukhona uMoya oNgcwele.*

*Wathi . . . Kukuphi . . . wabhaphathizwa-ke?* Babekade bebhaphathiziwe, *KukaJohane . . .*

UPawulu wathi kubo, *uJohane wabhaphathiza . . .* kukho *ukuphenduka,* (hhayi ukuthethelelwa kwezono), kukho *ukuphenduka, ethi . . .* wena u*kholwe nguyena* ozo*kuza . . . okungukuthi*, *ku*Jesu Kristu.

Futhi *bekuzwa lokhu, babhaphathizwa egameni leNkosi uJesu* Kristu.

. . . futhi uPawulu *esebekile izandla phezu kwabo*, futhi *uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo; futhi* bakhuluma *ngezilimi,* badumisa uNkulunkulu.

218 Manje ake nginithathe, uPawulu, ngivala incwadi yakhe, kwabaseGalathiya 1:8.

> . . .*noma kungaba yithina, noma ingelosi evela ezulwini, enishumayeza ivangeli kunalelo* esenivele nilizwile, *makabe* kinina isiqalekiso.

219 Ngingahle nginiyise futhi kwabaseKorinte, isahluko 14, ivesi 38, lapho Lathi.

> *Uma umuntu* ezisho ungokomoya, noma umprofethi, *makaqonde ukuthi lokhu*. . .lokho *enginilobela khona kungumyalo weNkosi.*

> *Kepha uma* yena *engazi,* nje *makahlale engazi.*

220 Sizokwenzani ngakho na? Bonke ubufakazi obubonakalayo. . .bengisendaweni yakho, futhi angibhaphathizwanga ngokwendlela yombhaphathizo wobuKristu, kungakhathalekile ukuthi ibandla lami lacabangani, noma umama wami wacabangani, ngifuna ukwazi ukuthi iNkosi yami iyala ini.

221 Nkosi Jesu, kungokwaKho manje. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzosebenza kuyo yonke inhliziyo. Futhi nikeza laba, abasechibini ukuba babhaphathizwe, uMoya oNgcwele, njengoba belindele Wena. NgeGama likaJesu sinikela isixuku kuWe, ukuthi ngaloloSuku, Nkosi, kwangathi ngingebe necala, kodwa ngikhululeke egazini labo bonke abantu; kungesikho ukuma ngesiko elithile, noma ihlelo elithile, noma inhlangano, kodwa ngokuma ngaseZwini laKho. Amen.

